

UNKULUNKULU

OCEBILE NGESI HAWU

 Ningahlala phansi. Bengi... noma ngathatheka, ngingena futhi ngibona uMfowethu Moore nabobonke lapha emsam, abangani esengibaze iminyaka eminingi kakhulu. Kuyinhlanhla ngempela ukubabona lapha kulobibusuku. Ngizizwa ngithi ukuba mncane ukuma lapha futhi ngikhulume nosiyazi bezenkolo abangaka emva kwami, futhi mhlawumbe bazongiqondisa uma nginephutha. Ngithemba kanjalo.

² Sijabula kakhulu kulobibusuku ukuba nomuntu othize lapha, uDadewethu Rose. Besehla siza neno... BenginoMfowethu Shores nomsizi wakhe, namhlanje, okwelantshi encane. Nasemgwageni ezansi, uMfowethu Williams uthe uDadewethu Rose ubegula kakhulu. Futhi sangena ukuba simbone umzuzwana nje, saguqa phansi. Futhi ubenomkhuhlane omkhulu, futhi egula ngempela. Amazwi ambalwa nje omkhuleko, neNkosi yakhuluma kithi, yase ithi, "Uzophiliswa." Wathi, "Uzoba lapho kusasa ebusuku," bayasho. Futhi nangu kulobibusuku, ehlezi khona lapha. Kunjalo.

³ Dadewethu Rose, sukuma umzuzwana nje, ukuze ba... Siyabonga eNkosini. Wayesegogeke embhedeni. Wathi, "U-udeveli ungishaye nje wakhipha yonke into. Ngiza ngapha futhi ngephuka ngalokhu," uhlobo oluthize lwasifo somphimbo, kanjalonjalo. Kodwa iNkosi imphumelelisile, ngakho kulokho siyajabula. Sibonga iNkosi ethandekayo!

⁴ Manje kade sinezhathi ezimnandi. Futhi kusasa ebusuku, manje, siwelela e-eRamada. Futhi ningakhohlwa manje, ngeke kube lapha kusasa ebusuku, kuzoba seRamada. Nengqungquthela iqala ngobusuku obulandelayo. Izofanele ibe nami obunye futhi ubusuku, niyazi.

⁵ Ngakho izolo ebusuku ngi—ngisuke kakhulu esikalini, ngithe ukwenza isithembiso esincane kimina uqobo ukuthi, ukuqala konyaka, ukuthi ngizovole nje ngiyinqume yehle leyomiLayezo isuka kwamathathu noma amane, amahora amahlanu, iye mhlawumbe emizuzwini cishe engamashumi amathathu noma amashumi amane. Futhi njengoba ngingitshelile izolo ebusuku, umkami ungincome ngeSonto, wathi, "Wenze kahle kakhulu." Ngakho—ngakho-ke, kusobala, ngidingeke ukuba ngize izolo ebusuku futhi ngikudilize, niyabo. Kodwa ngibe yimizuzu engamashumi amahlanu-nanhlanu, esikhundleni samashumi amathathu, izolo ebusuku.

⁶ Ngiza ngehla, kulobubusuku, uBilly uthe, “Uzokhuluma ngani na?”

⁷ Ngathi, “Awu, nginamanothi amancane ambalwa abhalwe akhishelwa lapha, neminye imiBhalo. Angazi, eminye yayo, emine nomu emihlanu imiLayezo ehlukene.” Ngathi, “Ngiyezwa uma ngehlela lapho, futhi ngibone ukuthi kwenzekani.”

⁸ Wathi, “Wethembise ukubakhulekela bonke labobantu abagulayo.”

Ngathi, “Yebo, mnumzane. Unamakhadi amangaki na?”

Wathi, “Amakhulu amabili.”

Ngathi, “Kungcono ngiqale ngawo, kulobubusuku.”

⁹ Wayesethi, “Manje khumbula, unemizuzu eyishumi nanhlanu kuphela ukuba ukhulume.” Wathi, “Uyithathe yonke yawo izolo ebusuku.” [UMfowethu Branham nebandla bayahleka—Umhl.] Sizofanele sisheshise, ngingeke na?

¹⁰ Awu, senze isithembiso kini, ukuthi sizokhulekela labobantu abebenamakhadi omkhuleko, futhi si—sibophezelekile esithembisweni, kusobala. Singeke sabaletha bonke ngalemigqa, kanjalo nami ngingekwazi ukubabiza ngamunye, baphume ezethamelini. Ngisho nakuba uMoya oNgcwele ubenganginika khona, ngeke nje nga—ngakumela ukuba ngikwenze. Kukhulu kakhulu nje kimi. Futhi, kodwa sonke sejwayelene nalezozinto. Siyazi ukuthi uNkulunkulu usenguNkulunkulu. Akusikho lokho okuphilisayo. Yilokho kuphela okwakha ukukholwa, ukusazisa ukuthi—ukuthi siseBukhoneni baKhe.

¹¹ Futhi sizothi, kulobubusuku, sikhulekele bonke labobantu abagulayo, bonke labo onalawomakhadi omkhuleko, ukuba bakhulekelwe. Bese kuthi—ke kusasa ebusuku, ngale Ramada, sizozama ukukhipha amanye futhi bese siqala ukubakhulekela laphaya, ngoba ngisenabo ubusuku bakusasa. Futhi ngicabanga ukuthi nginobusuku obubodwa bengqungquethela, mhlawumbe nokudla kwasekuseni futhi. Kuya ngokuthi izinto ziphuma kanjani.

¹² Kukhona abanye, omunye wezikhulumi ongazange avele; akakaveli namanje, angicabangi. UMfowethu Humburg, noma ngabe lokho...[Umfowethu uthi, “Amburgy.”—Umhl.] UAmburgy, uAmburgy, uKash Amburgy. Ngakho ngi—ngiyaliphambanisa lonke, lelo yilelogama lesiJalimane. Ngi—ngiqagele leso yisiJalimane. Ngakho ngingahle ngithi ukubambela, njengoba sikubiza kanjalo, ngyaxolisa ngesisho, ngaye.

¹³ Ngakho kade sinesikhathi esimnandi eNkosini, nokho. Kini nonke, uma kubakhona ezinye izihambi lapha kulobubusuku, sjabula ngempela ukuba nani phakathi, futhi sethemba ukuthi iNkosi izonibusisa. Ngikhulekela ukuthi akuzukubakhona-bantu abagulayo endlini uma sesihamba kulobubusuku, ukuthi

iNkosi yethu izokwehla ngamandla aYo amakhulu futhi izophilisa wonke lowo ogulayo nohluphekileyo.

¹⁴ Lapha esikhathini esithize esedlule, ngangivamise ukufaka abantu ngamunye ezingxoxiswaneni ezikhethekile, ezinye zezindaba ezil'khuni ebelsingekwazi ukuziqeda. Kwase-ke kwakheka masinya impela, kwaze kwaba ngukuthi, iNkosi yayilokhu iqhubeka ikubusisa, saze sathola amakhulu amathathu noma amane elindile, futhi ngakho-ke abantu bathola ukulimala imizwa yabo ngoba bayolinda. Mhlawumbe, kulesosikhathi esikhulu kangako, wawungadingeka ukuba ulinde mhlawumbe unyaka noma emibili, ukuze ungene kuyo, niyabo, nje phakathi kwemihlangano, ukubathatha ezingxoxiswaneni. Futhi sasihlala nje futhi silinde eNkosini Ize isitsheli nje udaba ncamashi.

¹⁵ Akungabazeki kunabantu abahlezi lapha kulobibusuku obekulezozingxoxiswano ezikhethekile. Ngabe bakhona na? Ake sinibone niphakamisa izandla zenu. Ezingxoxiswaneni ezikhethekile. Yebo, nango ehlezi, ngakho, futhi owaziyo ukuthi lokho kuqinisile. Siyalinda nje ukubona ukuthi iNkosi izothini, ukuthi lolodaba lu... Kwase kuthi-ke kwadingeka ukuba ngikumise lokho lapha esikhathini esithize esedlule. Ngatshela uBilly ukuthi sasingeke sisakwazi ukuthi sibe nezinye izingxoxiswano zangasese.

¹⁶ Niyabo, ngi—ngi—ngisanda nje kwedlula amashumi amabili-nanhlanu, maduze nje, okwesibili, futhi kwenyukela kubheke le kokwesithathu. Futhi ngakho lapho usondela uba mdadlana, ngani, awu, u...ngandlela thize awukwazi ukukugcina njengoba wawuvamise ukukwenza. Izinyathelo zakho ziyafinyezeka. Futhi—futhi, kusobala, uMfowethu Moore akakazi lutho ngalokho. U... Ngicabanga ukuthi silapho nje eminyakeni efanayo.

¹⁷ Kodwa inqwaba yamanzi yehlele emfuleni selokhu kwaba nguwe nami, noMfowethu Brown ufika lapha okokuqala, noMfowethu Outlaw noMfowethu Garcia, noMfowethu Fuller. Angazi noma lawomadoda azoba phakathi lapha kulobibusuku na? Mfowethu Garcia, Mfowethu Fuller, Mfowethu Outlaw, ngabe bakhona na? Phakamisani izandla zenu uma nikhona. Yebo, nango uMfowethu Fuller, ngiyakholwa, uma ngingaphosisi. UMfowethu Outlaw ngapha. UMfowethu Garcia, ngi—ngiyakholwa nokho ukuthi usukile ePhoenix. Ngicabanga ukuthi kunjalo. U—usukile ePhoenix, futhi ungale eCalifornia. Awu, kwakuyizinsuku ezimnandi ngempela, futhi ngisakholwa nguMlayezo ofanayo enganginawo ngaleyonkathi, “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Ngiqagele lokho sekube cishe... Awu, uBecky wayeseyingane. Lokho cishe sekuyiminyaka eyishumi nesishiyagalolunye.

¹⁸ Futhi manje usengenkulu, endala, ekhuluphele, intombazane embi ehlezi khona lapho ndawondawo, uneminyaka eyishumi nesishiyagalolunye ubudala. Ukuphi, Becky? Mfana, uzongithola ngalokho. Ngiyakhumbula ngimphe the ngengalo yami. Impela ngizoba nomsebenzi ngenza lokho kulobubusuku.

¹⁹ Ngiyakhumbula ngale ebandleni likaMfowethu Garcia ngobunye ubusuku, wayesengumfo omncanyanya. Ngase ngithi, "Sinomhlangano wamazwe ngamazwe kulobubusuku." Ngathi, "Ngikhulumka kwabaseSpeyini." Ngase ngithi, "Umkami lapha uyiJalimane." Ngathi, "Mina ngingumIrishi." Ngase ngithi, "Nentombazane yami encane iyiNdiya," futhi lowo kwakunguBecky.

²⁰ Ngakho ngenkathi ngiphumela emnyango ongemuva, kwakukhona intombazane encane engumMexico phandle lapho, yathi, "Mfowethu Branham!"

Ngathi, "Yebo, s'thandwa, ufunani?"

Yathi, "Awucabangi ukuthi ingane yakho iphaphathekile kancanyanya, ukuba ibe yiNdiya?" Iyakhanya inezinwele ezingemnyama, niyazi.

Ngase ngithi, "IyiNdiya nje ngokwenza."

²¹ Awu, siyabonga, ukuthi, ukuba lapha futhi kulobubusuku. Manje ngaphambi kokuba sisondele eZwini, asisondele kuYe, ngokuba UyiZwi. Nxa iZwi libonakaliswa, lowo nguYe kuwe.

²² Njengoba besinakho izolo ebusuku ngokuthi *IMbewu YokwaHluka*, niwuthokozele lowo, iNkosi ibusisa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngi—ngikuthokozele ngempela ukunilethela uMlayezo. Futhi siyabona ukuthi izimbewu ziyini.

²³ Manje ngabe sikhona isicelo esikhethekile kulobubusuku, into nje ekhethekile na? Mhlawumbe abanye benu wonke lowo ozobe ekulomugqa womkhuleko, thana, "Nkulunkulu, hawukela. Uma ngiza ukuba ngizokhulekelwa, ukukholwa kwami makuphakame ukuba kuhlangabezane nezimo." Futhi—futhi mhlawumbe omunye umuntu unothandiweyo, ogulayo, nento ethize. Ungasiphakamisa nje isandla sakho ukuze uNkulunkulu azobheka phansi nje bese ethi... Manje uma lokho... Anazi ukuthi lokho kungenza ngizizwe nginjani ukubuka lapho. Bukani nje isidingo phakathi lapha! Bafowethu abangabefundisi, bukan lokho nje. Niyabo? Manje, uma kungenza ngizizwe kanjalo, kwenzani kuBaba wethu na? Impela.

Manje asikhuleke.

²⁴ Jesu othandekayo, sison dela manje esiHlalweni esikhulu sobukhosи somusa, ngaleliGama elenele konke. "Ngokuba alikho elinye iGama elinikiwe ebantwini esifanele sisindiswe ngalo, kodwa kuphela leliGama leNkosi uJesu." Futhi siza

eGameni laKhe. Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzosemukela, kulobubusuku, njengabantwana baKho abakholwayo. Futhi thethelela ukungakholwa kwethu, Nkosi. Kusize kulobubusuku, ukuze kube ngukuthi ngokupheleleyo sizokholwa yilo lonke iZwi likaNkulunkulu kulobubusuku, ngazo zonke izinto esizidingayo.

²⁵ Uyazi ukuthi yini ephansi kwalezizandla ebephakanyisiwe; kukhona ukugula, okunye kwakho kungahle kube yizinkathazo zasekhaya, okunye kwakho yizinkathazo zezimali, abanye babo bakhathele, mhlawumbe abanye bahlubuka, omunye yisoni. Noma ngabe sidingo sini, Wena ungaphezu kokulinganiswa kwanoma yisiphi isitha. Ngakho siyakhuleka, Nkosi, ukuthi—ukuthi kulobubusuku, ukuthi sizoqonda ukuthi izitha zethu, zonke, singotshiwe, ngisho nasekufeni qobo lwakho. Nokuthi singaphezu kwabanqobi kuYe O—Owasithandayo futhi Wazinikela ngenxa yethu, usigeze eGazini laKhe.

²⁶ Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi konke ukungakholwa, konke ukungabaza, yonke ingxaki, konke lokho okungafani noNkulunkulu, kuzosibalekela kulobubusuku, ukuze uMoya oNgcwele ube nelungelo lendlela ezinhliziyweni zethu. Kwangathi Angakhulum aKiti ngaMandla aKhe. Kwangathi Angavusa labo a—abafe ngokomoya, abuyise impilo kulabo abagulayo nabahluphekile, aphakamise amadolo abuthakathaka, izandla ezikhathele esiyethile. Futhi kwangathi kungabakhona isikhathi sokujabula.

²⁷ Kwangathi singavela kulobubusuku, Nkosi, ukuba sisuke kulendawo siye eRamada Inn, futhi siqale enye yezingqungquthela ezinkulu kunazo zonke eseyake yabanjwa kulelidolobha. Nkosi, sisabuthene ndawonye futhi sikhuleka! Wena wathi, “Uma abantu ababizwa ngeGama laMi, beyobuthana bona ndawonye futhi bakhuleke, khona Ngiyozwa ngiseZulwini.” Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi lokhu kuzoba njalo, kulobubusuku.

²⁸ Manje, Baba, njengoba sifunda iZwi, akekho ongaLihumusha kepha nguWe, Wena ungumhumushi waKho Wena, futhi sikhulekela ukuthi Uzosihumushela izinto esizifundayo kulobubusuku. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

²⁹ Manje uma abanangi benu bethanda nje ukumaka phansi imiBhalo umfundisi ayifundayo. Futhi ngithanda nina ukuba, kulobubusuku, uma ningakwenza, ukuba niphene kwabase-Efesu.

³⁰ Futhi bengikhulum a ngeSonto eledlule ngabase-Efesu, ukuthi iNcwadi kaJoshua yayingabase-Efesu kanjani beTestamente eLidala, nokuthi yayikanjani yiNcwadi yokuhengwa.

³¹ Nokuhlengwa kunezingxenye ezimbili ezechlukene: “ukuphuma e” no “kungena ku.” Kuqala, ufanele uphume. Abanye abantu ufunu ukungena nezwe; kodwa ufanele uphume ezweni, ukuba ungene kuKristu. Ufanele uphume ekungakholweni, ukuba ungene ekukholweni. Kungebekhona neyodwa into endleleni yakho. Ukuba ngempela ube nokukholwa kwangoqobo, ufanele ngokoqobo ushiye yonke into ephambene neZwi likaNkulunkulu, ngemuva, ukuba ungene ekukholweni.

³² Naleyo kwakuyiNcwadi yabase-Efesu beTestamente eLidala, uJoshuwa. Lapho, uMose wayemele umthetho, wawungenakusindisa-muntu; kodwa umusa wawukwazi, nalapha u *Joshuwa* yigama elifanayo njengoJesu, “uJehova-umsindisi.”

³³ Futhi manje bese-ke, sithola ukuthi sesifike kwabanye base-Efesu, enye iEfesu manje. Lapho, ukuthi, emahlelweni ethu enhlakanipho kanjalonjalo, nazo zonke zezinhlelo zethu zemfundo sekufike eJordan lakho—lakho, manje-ke sifanele sibe na—nabase-Efesu futhi. Sifanele sibe nophumo, uku “phuma” nokuba si “ngene,” okoHlwitho.

³⁴ Manje sizofunda kulobubusuku esahlukweni 2 sabase-Efesu. Bengikusho nje lokho ukuze ningene e—endawaneni, noma niphene ye esahlukweni.

Nina, *uniphilisile nani, enanifile ngeziphambeko nangesono:*

Enanikade nihamba kuzo ngokwendlela yalelizwe, ngokombusi wamandla omkhathi, ongumoya osasebenza kubantwana abangalalei:

Esasikade sihamba phakathi kwabo sonke ezinkanukweni zenyama yethu, senza intando yenyama neyengqondo; futhi ngemvelo sasingabantwana bolaka, njengabo abanye.

Kepha uNkulunkulu, ecebile ngesihawu, ngenxa yothando lwakhe olukhulu asithanda ngalo,

Sesifile esonweni, Yena wenza siphile kanye naYe, noma, siphile kanye noKristu, (kungomusa nisindisiwe;)

³⁵ Ngifuna ukuthatha kusukela lapho okumbalwa, noma ingxenye yeyesi, “kepha uNkulunkulu,” *Unkulunkulu OCebile NgesiHawu.*

³⁶ Ngifuna niqaphele lapha ngomprofethi, umphostoli, njalo, uPawulu, o—o, ukuthi wakubalula kanjani lokhu, kanjani, “Wena Okuphilisile, enanifile. Nina Aniphilisile, enanifile, nifile esonweni naseziphambukweni; nihamba ngokwezinto zezwe, isifiso senyama, futhi nigewalisu isifiso sengqondo. U . . .”

³⁷ Yini okwabangela loluguquko, niyabo? Futhi kwabangelwa yini, “enake naba ngabafileyo,” ukuba niphiliswe na? *Ukuphilisa*

kuchaza “okwenziwe kwaphila.” Kwabakhona uguquko, ukusuka ekufeni kuya ekuPhileni. Ayikho enye, ayikho enye into ebingenzeka kunoma yimuphi umuntu, enkulu kakhulu, kunokumguqula esuka ekufeni eya ekuPhileni. Umuntu, uma ubefa, ngokomzimba, futhi ebengaphiliswa ngokomzimba, lokho bekungaba yinto enkulu, kodwa akukho lutho olukhulu kakhulu nanjengalapho efe ngokomoya futhi uNkulunkulu wamphilisela ekuPhileni.

³⁸ “Nina enani, ezikhathini ezedlule, file.” Nanifile. Ngisho nabaningi lapha kulobubusuku, ngesinye isikhathi, ningabheka emuva futhi nazi ukuthi nanifile. Kodwa manje kungani ningasofile kulobubusuku, njengoba naninjalo ngaleyonkathi na? Nikufanele ukuba nibe ngaleyondlela, ngoba wawuyisoni, “kepha uNkulunkulu Ocebile ngesihawu.” Yileyo—yileyonto-ke, “uNkulunkulu Owayeceibile.” Zonke lezizinto esasiyizo, “kepha uNkulunkulu”! Lokho kwenza uguquko khona lapho, “uNkulunkulu Ocebile ngesihawu”!

³⁹ O, ngijabula kakhulu ngalokho, ukuthi Yena ecebile ngesihawu. Uma nje Wayecebile ngemali, uma nje Wayecebile ngezimpahla, okungukuthi Unjalo, kepha nokho into enkulu kunazo zonke ngukuceba ngesihawu. O, lelo yigama elikhulu kangakanani pho, ukuthi sasife kanjani.

⁴⁰ Futhi sasikhuluma ngobunye ubusuku ngokuthi imbewu ifanele ife kanjani. Nayo yonke into ezungeze leyombewana yokuphila akufanele ife kuphela, kepha ibole. Uma ingaboli, ingeke yaphila. Noku *bola* nguku, “okuqedwe nya; kuphelile.” Futhi size sifinyelele endaweni ukuthi imibono engeyethu nokucabanga okungokwethu sekuhambe kwaphela nya futhi kubole kwasuka kithi, khona-ke imbewana yokuphila ingaqala ukuphila.

⁴¹ Manje—manje singahle, ngingahle ngijovele imfundiso encanyanya nje lapha, enginga... Uma ningayikholwa, kulungile. Lokho kulungile nje. Ngiyayikholwa. Ngikholwa ukuthi—ukuthi umuntu, uma ezaalwa kulelizwe, ukuthi uma uyingane encane, ezaalwa ezwensi, wawungeke ube lapha ngaphandle kokwazi phambili kukaNkulunkulu, ngoba Yena ungongenasiphelo futhi Wazi izinto zonke. Futhi uma leyongane encane izalwa ezwensi, kukhona into ethize kuleyongane. Uma iyokeye ize ibe nokuPhila, kukhona into ethize encane phakathi lapho, kulowomntwana ngalesosikhathi, afika kuyo, masinya noma kamuva. Leyombewu encane ikuye. Manje uma uzothatha... ImiBhalo ikumemezelu ngokusobala lokho.

⁴² Manje uma unokuPhila okuPhakade kulobubusuku, uma sinokuPhila okuPhakade, khona-ke sasilokhu sikhona, ngoba sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade. Sasilokhu sikhona njalo. Nesizathu sokuthi sasikhona, ngoba siyingxenyenekwaNkulunkulu. NoNkulunkulu yiyananto kuphela ePhakade.

⁴³ Futhi kunjengoba enjalo uMelkisedeki wemukela okwezishumi kuAbrahama, futhi kwabelwa endodaneni yakhe engumzukulu wesibili, uLevi, owayesesokhalwени luka-Abrahama; wakhokha okwezishumi, ngokuba wayesesokhalwени luka-Abrahama ngenkathi ehlangana noMelkisedeki. Ngifuna ukukhuluma ngalokho ngale kwenye indawo, ngokunye ukusa. *Ubani LoMelkisedeki na?* Manje kuqapheleni lokho. Emuva le, uNkulunkulu wayemazi lomfana ehla. Wayazi izinto zonke.

⁴⁴ Manje siyingxene kaNkulunkulu. Wawulokhu uyiyi njalo. Awukukhumbuli, ngoba kuphela wawuyingxene engehlukaniseki kuNkulunkulu. Kuphela wawusekucabangeni kwaKhe. Lona impela igama lakho, uma lalilokhu liseNcwadini yokuPhila njalo, lafakwa lapho ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Wayazi ukuthi wena wawuyini.

⁴⁵ Ngisho lokhu kuphela, ukuba ngingaxubi imfundiso, kodwa ukuyiqondisa, ukuze sisuke kulokhu ukwesaba nokwethuka. Anazi ukuthi ningobani. Anizukuba yiwo, kodwa manje naningamadodana kaNkulunkulu. Niyabo, ningamadodana kaNkulunkulu njalo. Niyabo?

⁴⁶ Ngokuba ngenkathi uNkulunkulu enawe ekucabangeni kwaKhe ekuqaleni, ufanele ubekhona, enye ingxene yenu, ukuPhila kwakho okukuwe manje, kwafanele kube noNkulunkulu ngaphambil lapho. Awu, ngenkathi Yena, ngaphambi kokuba Abe ngisho ngophathekayo lapha emhabeni, ngaphambi kokuba kubekhona noma yini, kepha uNkulunkulu, wawungomunye wezingxene zaKhe ezingehlukaniseki. Wayazi ukuthi igama lakho liyoba ngubani. Wayewazi umbala wezinwele oyoba nazo. Wayazi konke ngawe. Into kuphela eyenzeka kungenkathi wena, uyisoni . . .

⁴⁷ Abanangi benu banga—bangahlanganyela nami kulomcabango. Ngenkathi usengumfana omncane, noma intombazane encane, wawuhambahamba futhi kwakubakhona izinto ezithize ezazivele nje, lapho okwakungabakhathazi abanye abantwanyana, kwakubonakala sengathi kwakukhona into ethize kuwe eyayimemeza. Kwakukhona uNkulunkulu ndawondawo, nokho wawuyisoni. Niyukhumbula lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela. Manje kwakuyini lokho na? Leso kwakuyilesosimo esincane sokuPhila kuwe ngaleyonkathi.

⁴⁸ Kwase kuthi-ke emva kwesikhashana, wezwa iVangeli. Mhlawumbe waya esontweni, wacosha *lokhu* na *lokho*, futhi wasuka ehlelweni waya ehlelweni. Kodwa ngeliny'ilanga, wena uyingxene kaNkulunkulu, wadingeka ube yingxene yeZwi. Futhi ngenkathi uzwa iZwi, uyazi lapho ovela khona, wazi ukuthi laliyini iQiniso. Wawulokhu ukhona njalo, imbewu yayilokhu ikhona kuwe njalo. IZwi lalibona iZwi elalikuwe,

elalikhona ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wabona iZwi futhi uza kuLo.

⁴⁹ Njengendatshana yami yokhozi, yokuthi ukhozi oluncane lwachanyuselwa kanjani phansi kwesikhukhukazi. Nomfo omncane wayehamba namachwane, yena, isikhukhukazi sasikukuza, futhi wayengakuqondi ukukukuza kwaso. Na-namachwane amancane, ukudla kwavo ayenakho esibuyeni, wa-wayengakuqondi lokho, ukuthi ayekwenza kanjani lokho. Kodwa kwakukhona into ethize kuye, eyayibonakala yehlukile kulokho lelochwane elaliyikho, ngoba ekuqaleni lwalulukhozi. Kunjalo. Ngeliny'ilanga umama walo uyafika eluzingela, futhi, ngenkathi luzwa lokho kudazuluka kokhozi, kwakwehlukile ekukukuzeni kwesikhukhukazi.

⁵⁰ Futhi yingaleyondlela okungayo ngalo lonke ikholwa elizelwe ngokusha. Ungezwa yonke isayense yezenkolo ofuna ukuyizwa, nakho konke ukwahluka okwenziwe ngumuntu; kodwa uma leloZwi libaneka lapho, khona-ke kukhona into ethize ebambayo, uza kuLo. "Nina enanifile esonweni (lokho kuphila) Uniphilisile." Kufanele kubekhona ukuPhila lapho ukuphilisa ngakho, kuqala. UNkulunkulu, ukwazi phambili kwaKhe, wayazi izinto zonke. Futhi samiselwa ngaphambilii ukuba sibe amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. "Nina enanifile esonweni naseziphambukweni, lapho sonke esasinesikhathi sethu esedlula, kepha Uphilisile."

⁵¹ Bukani uPawulu, ngenkathi uPawulu esengusiyazi wezenkolo omkhulu. Kodwa lapho efika ebhekana ubuso nobuso naleloZwi, uJesu, laphilisa. Uza ekuPhileni ngokukhulu ukushesha, ngoba wamiselwa ukuba yilokho. U... Wayeyingxenye yeZwi; futhi ngenkathi iZwi libona iZwi, kwakuyimvelo yakhe. Konke ukukukuza kwezikhukhukazi, emabandleni omthetho, kwakungenamthelela phezu kwakhe; wayebone iZwi. Laliyingxenye yakhe. Wayewukhozi. Wayengesiyo inkukhu; wayesesibuyeni nje kanye nazo. Kodwa wayewukhozi, kwasekuqaleni nje.

⁵² Ngezwa indatshana efanayo, ngiyethemba ayizwakali ithuka okungcwele, mayelana nedada elincane lizalwa phansi kwesikhukhukazi, ngesinye isikhathi. Lalingaqondi. Umfo omncane obukeka exakile, umfo oyinqaba, futhi wayengaluqondi uthuli nakho konke. Ayedlala esibuyeni. Kodwa ngeliny'ilanga isikhukhukazi esidala sahola amatshwele amancane aphuma emva kwenqolobane, futhi lahogela amanzi. Awu, lasubatha liqonde kulawomanzi lihamba ngamandla alo onke. Ngani na? Lalingakaze libe sesizibeni ngaphambilii. Lalingakaze libe semanzini. Kodwa lalilidada, kwasekuqaleni nje. Into kuphela elalifanele liyenze kwakungukuba kuse kulo.

⁵³ Leyo yinto efanayo ikholwa eliyiyo. Kukhona into ethize phakathi kulo, ukuthi, uma lihlangana noNkulunkulu ubuso

nobuso, kuyasa kulo. Leyombewu iphakathi kulo, futhi iyaphiliswa. He, kunjalo, futhi lisuka lindize ezintweni zezwe. Žiba ngezifile kulo. He, ngiyakhumbula, sonke sasinempilo yethu, ngokwedlule, kulezozinto zezwe. Kodwa sathi singabamba leyoNto yangempela, into ethize eyasiphilisayo, imbewu encane eza ekuPhileni, khona-ke zonke izinto zezwe zabola khona lapho. Asibange sisaba naso isifiso salo.

⁵⁴ “Ozelwe nguNkulunkulu, akasenzi isono. Okhonzayo osehanjululwe kanye akasenalo uvalo ngesono, akasenaso isifiso sokona.” Umbuzo wesono awusekho. Uba yingxeny kaNkulunkulu, kuKristu. UKristu wafela ukuhlenga wena.

⁵⁵ Manje cabangani nje ngakho konke lokho esasiyoba yikho ukuba kwakungenganxa kaNkulunkulu. Kepha uNkulunkulu, esihawini saKhe esicebile, ukuthi Usihlenge kanjani kulobubusuku! Ngabe sikuphi kulobubusuku ukuba kwakungenganxa yesihawu sikaNkulunkulu esicebile phezu kwethu na?

⁵⁶ Izwe lake laba nesono kakhulu, ukuthi umuntu wayebangele ukonakala ukuba kufike phezu komhlaba kwaze kwadabukisa ngisho uNkulunkulu ukuthi Wake wenza umuntu. Lonke ikhanda laliyisilonda esivundileyo, umzimba wonke, noNkulunkulu waze wadabuka ngisho nokuthi wake Wenza umuntu. Ngakho Wathi, “Ngizombhubhisa umuntu eNgimdalileyo.” Uzobabhubhisa ngobaakanalutho kodwa nje isigejane sokonakala.

⁵⁷ Naso sonke isintu sasizoshanelwa ngalesosikhathi, kodwa uNkulunkulu, ecebile ngesihawu wayengenakuvumela ongenacala abhubhe kanye nonecalo. Futhi Wasuka wahamba wase enza indlela ehlinezekelweyo yalabo ababefuna ukungena, ababefuna ukwenza lokho okwakulungile. Yena, wenza indlela yesihawu salabo ababefisa isihawu, futhi Walungisa umkhumbi. Ngamany’amazwi, Wafaka amany’amaphiko ezinkozini zaKhe, ukuze zikwazi ukundiza zibe ngaphezu kokwahlulewa, futhi zingaminzi kanye nezinkukhu. Kodwa We—Wenza indlela yokuphunyuka, ngemihla kaNowa. Lokhu kwaMbanga ukuba enze lokho, ukukuhlinzekela, ngoba Wayecebile ngesihawu.

⁵⁸ Kodwa emva kokuba Esehlinzeke indlela yabantu futhi manje-ke bayayala, manje, isizathu sokuba bayale yingoba akukho lutho phakathi lapho ukuba bayemukele. Akukho lutho lokuyemukela. Umama wami wayevame ukuthi, “Ungeke ulithole igazi kutenipu, ngoba alikho igazi kutenipu.” Ngakho uma kungekho simo sokuPhila phakathi lapho ukuKwemukela, khona-ke Kungeke kwemukelwa.

⁵⁹ Yingaleso sizathu abaFarisi babengabuka ngqo ebusweni bukaJesu, futhi baMbiza ngo, “Belzabule,” ngoba kwakungekho lutho kubo ukuba baMemukele. “Kodwa konke uBaba aNgipie

khona,” Wathi, “kuyoza kiMi.” Ku—kukhona enye indlela okuzokwethulwa ngayo.

⁶⁰ Ungakhulumu kubantu ngesinye isikhathi ezitradini, ukhulume kubo ngeNkosi, bakwedelele ngqo. Awu, sifanele sikwenze, nakanjani. Kodwa lalelani, “Akukho-muntu ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala.” UNkulunkulu uzodingeka enze ukudonsa. Kufanele kubekhona ukuPhila. “Nakho konke aNgiphe khona, kuyoza kiMi.”

⁶¹ Wenza ukuhlinzekela kwalabo ofuna ukuhlengwa. Wenza ukuhlinzekela kwalabo ofuna ukuphiliswa. Kwase kuthi-ke ngenxa yokuthi Wenza lokhu, kuMenza acebe ngesihawu, njengoba Ubehlala njalo ecebe ngesihawu. Kufanele, uma wala Lokhu, akusekho okusele kuphela ukwaHlulelw, ngoba isono sifanele sahlulelw.

⁶² UFaro, ngenkathi eyongena o—olwandle, njengozifanisayo, ebona ukuthi wayengangena njengoba kwenza uMose. UMose nempi yakhe, noFaro nempi yakhe, bobabili babefanele babhubhe olwandle, kwakubukeka kanjalo. Kodwa uNkulunkulu, ocebile ngesihawu, wenza indlela yokuphunyuka kwabantwana bamaHeberu, (ngani na?) ngoba babelandela emgqeni womsebenzi, babelandela eZwini.

⁶³ Manje yileyondlela kuphela yokuthola isihawu, ngukulandela iziyalo uNkulunkulu asinike zona ukuba silandele kuzo. Yileyondlela kuphela Angabonisa ngayo isihawu, kulapho uma silandela lokho Athi akwenziwe.

⁶⁴ Njengenkulumo-mpikiswano encane esikhathini esingeside esedlule, nomfundisi owathi ngangifundisa iMFundiso yabaphostoli ngalolusuku. Ngikholwa ukuthi ngikhulume ngakho ebusukwini noma obubili obedlule, noma ngesinye isikhathi, mayelana nokuthi washo kanjani ukuthi, “Uzama ukujovela, kulonyaka, iMFundiso yabaphostoli.” Wathi, “Unyaka wabaphostoli waphela, nabaphostoli.”

Ngase ngimbuza, “Awu, uyalikholwa iZwi na?”

Wathi, “Yebo.”

⁶⁵ Ngathi, “ISambulo 22:18 siyasho, ukuthi, ‘Oyosusa iZwi elilodwa kuLeli, noma enezele izwi elilodwa kuLo,’ hhayi nje amazwi amabili; iZwi elilodwa, asuse iZwi elilodwa.”

Wathi, “Ngiyakukholwa lokho.”

⁶⁶ Ngathi, “Ngakho-ke ngingakutshela ukuthi unyaka wabaphostoli wanikezwa kuphi, iziBusiso zabaphostoli sanikezwa eBandleni; manje ngitshele ukuthi kukuphi lapho uNkulunkulu asisuse khona eBandleni, ngeZwi. Ungeke wakwenza; akukho lapho.” Ngathi, “Manje khumbula, ukuthi uPetru, ngoSuku lwePhentekoste, wayengu—ngumethuli wonyaka wabaphostoli. Futhi wabatshela bonke ukuba ba, ‘Phenduke, futhi babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu

kukho ukuthethelwa kwezono, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nabo bonke abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.”

⁶⁷ Manje uma nifuna ukulalela ukukukuza kwesikhukhukazi esithize sehlelo, bese niphila emuva phandle lapho ezintweni zezwe, khona-ke kuyakhombisa ukuthi kukhona okungalungile. Ngoba, Lelo yiZwi. “Othandayo, angeza.” Futhi uma uthola ukuthanda, ufanele uze. Kodwa uma ungenakuthanda, khona-ke usesimweni esidabukisayo. Kodwa uma unokuthanda ukuza, woza ulandele indlela yokwenza kaNkulunkulu!

⁶⁸ Futhi Akehluleki neze ukugcwalisa lokho Akwethembisa. Ngake ngaba musha, futhi manje sengimdala, angikaze ngiMbone ehluleka eZwini laKhe. Ngoba, Angenza noma yini kodwa ukwehluleka. Angehluleke. UNkulunkulu angeke. Akunakwenzeka ukuba uNkulunkulu ehluleke, futhi ahlale enguNkulunkulu. Ufanele, ukuba enze lokho.

⁶⁹ Manje impi kaFaro yazama ukuzifanisa, ngoba babengabizwanga futhi babengenakho lokho kuPhila. E... Isithembiso asinikwanga uFaro. Isithembiso asinikwanga yena sezwe elethenjisiwe.

⁷⁰ Nozifanisayo, ezama ukulandela ikholwa langempela elibizelwe kokunjalo, kuphela wenza imbuqo ngakho. Yileyondaba ngenqubo yethu yezenkolo namhlanje, ngabantu abanangi kakhulu bezama ukuzifanisa noMoya oNgcwele, abantu abanangi kakhulu bezama ukuzifanisa nombhaphathizo, abantu abanangi kakhulu bezama ukuzifanisa nonyaka wabaphostoli. Ungowamakholwa, futhi lokho kuphela. UNkulunkulu wenze indlela, ucebile ngesihawu, ukuthi abantwana baKhe ngeke babhubhe. Ubenzele indlela.

⁷¹ Manje, uFaro ezama ukuphikelela, waminza kuwona impela lawomanzi asindisa uMose neqembu lakhe. Manje, uMose akaminzanga, ngoba uNkulunkulu ucebile ngesihawu kulabo abalandela indlela yaKhe ehlizekiweyo. Amen.

⁷² Ningabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ukuthi, kulobububusuku, abantu abangakholelw ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu, abantu abangakholelw embaphathizweni kaMoya oNgcwele, bangemukela kanjani noma yini na? UNkulunkulu ucebile ngesihawu kulabo abayolandela emva kwaKhe; hhayi emva kwesivumokholo, kodwa emva kukaNkulunkulu.

⁷³ UNkulunkulu uyiZwi, futhi Lenziwa inyama futhi lakha phakathi kwethu, manje, ukuze Aveze ezinye izingxeny ezingahlukaniseki zikaNkulunkulu. Umzimba, uJesu, wayengumzimba kaNkulunkulu, ingxenyenye engehlukaniseki. UMose waMbona edlula, ingxenyenye yomhlane waKhe; akukhomuntu owayeke wabona ubuso baKhe. Kodwa manje siMbonile,

siMbhekile, siMbona njengoMhlatshelo. Manje, niyabo, Wayeyingxenye engehlukaniseki kaNkulunkulu, evezwa obala, iZwi. Yilokho Ayeyikho.

⁷⁴ Futhi uma noma yiliphi ikholwa liza kuNkulunkulu, liba yingxenye engehlukaniseki kaNkulunkulu yeZwi laKhe, lisetshenziselwa ukubonakalisa iZwi elithenjiselwe lolosuku. Niyabo? Kunjalo. UNkulunkulu, ecebile ngesihawu, akaze asishiye singenabufakazi. Ucebile ngesihawu.

⁷⁵ Siyathola manje ukuthi uNkulunkulu wayenesihawu kakhulu kuMose phandle lapho kulololwandle olufile, phandle oLwandle oluBomvu phandle lapho, njalo. Kwase kuthi ngenkathi Esho lapha, kuEksodus 19:4, Wathi, “Nganithwala ngamaphiko okhozi, nganisondeza kiMi uqobo. Ngabathwala ngamaphiko okhozi, futhi nganiletha kiMi!” Kwakukhona abanyeabantu maphakathi nalololwandle phandle lapho, futhi, bezama ukuzifanisa. Kodwa ini? “Wabathwala ngamaphiko okhozi.”

⁷⁶ Manje uNkulunkulu njalo ufanisa abaprofethi baKhe nezinkozi. Futhi kwakuyini na? UMose wayeyisithunywa saKhe. Futhi babelandela uMose, futhi lokho kwakungamaphiko okhozi ayebathwele, ngoba wayephethe umlayezo kaNkulunkulu. Nabantu balandela lokho. Babelandela uNkulunkulu njengoba babelandela uMose nomlayezo waKhe wokukhululwa. NeBhayibheli lasho ukuthi, “Yena, ababhubhangalabalobangakholwanga.” Isizathu, uNkulunkulu wayecebile ngesihawu kubo, ngoba babelandela imiyalelo yaKhe. UNkulunkulu ufunasilandele imiyalelo yaKhe.

⁷⁷ Besingasho okufanayo ngoKora nangoDathani negenge yabo yabantu abangakholwayo, njengoba bazama ukuzifanisa. Bazama ukuzwisa into ethize ohlelweni lukaNkulunkulu. Abaluthandanga uhlelo lomuntu oyedwa. Abakuthandanga lokho. Babefanele babe nento ethize abazoyenza. UKora wathi, “Ngani, kukhona amanangi amadoda angcwele kunawe, Mose. Wenzenengathini nguwe kuphela ibhishi e...noma imbokojana kuphela ebhishi, njalo.” Futhi wathi, “Ngi—ngi... ubungafanele wenze lokho. Futhi kukhona amanye futhi amadoda lapha.”

⁷⁸ NoMose wayazi ukuthi wayezothwala labobantwana abawelisole ezweni elithenjisiwe, ngoba isithembiso sanikwa yena. Futhi ufanele abaphathe abayise ezweni elithenjisiwe.

⁷⁹ Futhi, namhlanje, uMoya oNgcwele ulapha ukuqinisekisa iZwi likaNkulunkulu, nalelo yiphiko likaNkulunkulu esifanele sigibe kulo; hhayi issayense ethize yezenkolo eyenziwe ngumuntu. Kodwa sifanele sigibe phezu kwamaphiko okhozi, siye eZweni elithenjisiwe.

⁸⁰ Futhi lapha babezothola isigejane sezinkukhu phandle lapho, uKora wacabanga, niyazi, ukuba eze ngapha, azifanise nalokhu, ukhozi. Futhi ngenkathi bekwenza,

uNkulunkulu wathi, “Zahlukanise nabo,” futhi Wagwinya izwe. Wayezogwinya yonke into, konke okudaliweyo, kodwa uNkulunkulu wayecebile ngesihawu kulabo abazama ukulandela iZwi laKhe. Njalo, uNkulunkulu ucebile ngesihawu. Abanigi babo beza ngapha noMose, noNkulunkulu wavula umhlaba futhi wagwinya ongakholwa. Yena, o—ongakholwa, uyobhubha njalo.

⁸¹ Labo abangakholwanga, nakuba bephuma futhi bahamba isikhashana, kodwa, bona, uJesu wathi, “Bona, bonke, bafile.” *Ukufa* nguku “bhubha nya.” Bafile. Cabangani ngabo nje. Bayaphuma, bezibonile izimangaliso zikaNkulunkulu, basibona isandla esikhulu sikaNkulunkulu, bayijabulela imana; futhi baphuma lapho base belalela indoda ethiwa nguBalami, eyaphendukezela indlela kaNkulunkulu, ngokufundisa kwakhe okuphambene neZwi, “Sonke singabazalwane, ngakho nje sonke asihlangane ndawonye.”

⁸² Leyo ngenye inqubo kaBalami equbukayo, namhlanje, “Sonke asihlangane ndawonye.” Akuzukusebenza. Asihambe noKhozi, uJehova Khozi. Nina ningamachwane okhozi.

⁸³ Bathathu kuphela abasindiswa egenjini lonke; uMose, uKalebi, noJoshua. Bonke abanye babo babhubha ehlane; uJesu washo njalo, kuJohane oNgcwele isahluko 6. UNkulunkulu, ngesihawu, wayengeke abayeke babhubhe, ngoba, nabo bonke abanye abangakholwayo. Bafa bonke khona lapho ehlane, futhi bafile. UNkulunkulu wasindisa uMose namakholwa ayizinkozi, ngenxa yokuthi babenhenhloniph eZwini laKhe.

⁸⁴ Futhi namhlanje, mngane, indlela kuphela esingaze sifumane ngayo umusa kuNkulunkulu; uNkulunkulu ucebile ngesihawu, namhlanje, kodwa sifanele sikuhloniphe lokho Akusho ngakho. Ungeke nje wathatha okwashiwo ngomunye umuntu. Ufanele uthathe lokho okwashiwo nguNkulunkulu. Wathi, “Onke amazwi omuntu awabe amanga, nawaMi abe yiqiniso.”

⁸⁵ Namhlanje siyatshelwa ukuthi, “Okufanele ukwenze kuphela,” ezindaweni eziningi, “ngukujoyina ibandla, ube nesivumokholo, noma into efana naleyo; noma usho umkhuleko, noma ufake igama lakho encwadini, noma ufafazwe noma ubhaphathizwe ngendlela ethize, noma into efana naleyo. Yilokho kuphela ozofanele ukwenze.” Kodwa lelo yiphutha.

⁸⁶ Ukuba ube wukhozi lukaNkulunkulu, ufanele ulandele iZwi, usuku nosuku. Ufanele uqhubeke, uzondle ngeZwi.

⁸⁷ Manje siyabathola, emva kwalesisikhathi, bekhonona futhi, baba buthakathaka ekukholweni, emva kokuba uNkulunkulu wayesebonise isihawu kubo. Futhi sibathola sebekhononela uNkulunkulu, futhi, ngenkathi bekwenza, babebulawa ukulunywa yizinyoka. Awu, kwakubafanele.

Impela babekufanele. Noma ubani oyothatha ngephutha iZwi likaNkulunkulu futhi enze lezizinto abazenza, babekufanele ukufa. Bonke labo abafisayo, babekufanele ukufa ehlane.

⁸⁸ Kodwa ngenkathi sebegula kakhulu ukuthi ngisho nodokotela uMose futhi kungekho namunye wabo owayengenza noma yini ngakho, futhi babefa ngezinkulungwane; kodwa uNkulunkulu, ecebile ngesihawu, Wenza indlela yokuphunyuka yalabo ababezoMkholwa. Wenza ikhubalo lakho, ngokumisa inyoka yethusi. UNkulunkulu ekucebeni kwaKhe... UNkulunkulu wenza indlela yokuphunyuka ukuze abantwana baKhe abakholwayo bakwazi ukuphiliswa.

⁸⁹ UNkulunkulu ukhathalele yonke into engalungile, yonke into omagange kuyo. Yonke imikhakha yempilo, uNkulunkulu ukhathalele wena. Ungumntwana waKhe, futhi Ucebile ngesihawu. Ufuna ukwenzela wena.

⁹⁰ Abantu bona kamuva, ngokuthatha lento efanayo uNkulunkulu ayebenzele ukubuyisana, ngenyoka yethusi, eyayimele isono esesivele sahlulelwe, futhi basenza isithixo lesosipho. Nalokho kona futhi. "UNkulunkulu akayikuyabelana namuntu inkazimulo yaKhe." Ngakho-ke, ngeke saba nababili, abathathu, onkulunkulu abane. Munye kuphela uNkulunkulu. Akayikwabelana nalutho olunye inkazimulo yaKhe. UnguNkulunkulu, yedwa, niyabo; ngakho njengoba abahedeni benonkulunkulu abanangi. SinoNkulunkulu oyedwa, futhi Akayikuyabelana inkazimulo yaKhe nomunye, kanjalo Akayikuvumela noma yini ibe yisithixo phambi kwaKhe. Ngisho nakuba Wayebenzele ukubuyisana abantu, futhi kwakuyiZwi likaNkulunkulu, laliqinisile; kodwa uma sebefika ekutheni bakwenze isithixo lokho, khona-ke bangena enkathazweni.

⁹¹ Manje leyo nje yinto efanayo, ngiyacabanga, lokho kwenzeke eminyakeni yebandla yethu. UNkulunkulu wasithumelela umlayezo kaMartin Luther nomlayezo wakhe, uJohn Wesley, umlayezo wephentekoste, kodwa senzani ngawo na? Into efanayo impela nabayenzayo ngaleyonyoka yethusi, sawenza isithixo, "Ngingowa *leli*, futhi ngingowa *lelo*." Niyabo, ungowento ethize engenabuqotho obuxhumene nokukhonza kwangoqobo kokumesaba uNkulunkulu kweZwi.

⁹² Kwenzekani na? IBhayibheli, siyatshelwa eBhayibhelini, ukuthi, "Umprofethi wathatha lesithixo wayesesibhubhisa." Haleluya!

⁹³ Esikudingayo enkundleni namhlanje ngumprofethi ozobhubhisa isithixo samahlelo, elicabanga ukuthi baya eZulwini phezu kokuba ngowesivumokholo esithize noma ihlelo; lidinga ukubujiswa futhi lishiswe, lintshingwe. UNkulunkulu ugcwele isihawu. Ucebile ngesihawu. Osukwini ukuthi lapho sonke besizoba kuleyonxushunxushu yobumnyama phandle lapho, kodwa uNkulunkulu, ecebile ngesihawu, usithumele

uMoya oNgcwele wangokoqobo ngempela, nokuhumusha okungokwaKhe uQobo kuWo, khona lapha endlini ebusuku bonke. UNkulunkulu, ecebile ngesihawu saKhe, siMthola ukuthi umangalisa kanjani pho! Yebo, mnumzane.

⁹⁴ Manje konke abakucabanga ababengakwenza kwakungukuba nje baye kulenyoka, noma lento encane uNkulunkulu ayezenzile phandle lapho, enoMose ukuba ayenze bese eyilengisa esigxotsheni, futhi babephiliswa ngaphandle kwanoma yibuphi ubuqotho. Babevele nje bame bese beyibheka. Futhi bayenza isithixo, noNkulunkulu wathuma umprofethi khona futhi wayibhubhisa.

⁹⁵ Manje, bonke labo abala ukubheka leyonyoka ehlane, babhubha. Manje uNkulunkulu wenza indlela, kodwa uma wala ukuyibheka, uma uzohlala ngaphesheya kwestradi, uma uzobambelela kwesinye isivumokholo futhi wale ukubheka ngqo eZwini bese ubona ukuthi ngabe Liqinisile noma qha; wonke lowo owala ukubheka, babhubha. NoNkulunkulu unguNkulunkulu ongagauquki neze. Nabo bonke abala ukubheka, babhubha. Kunjalo nanamhlanje, into efanayo.

⁹⁶ Manje-keabantu bona kamuva, futhi njengoba bebehlaale njalo benza, futhi benza isithixo nga—ngayo, beyenza i—i—i... thola, bazama ukuthola ukuphiliswa ngaphandle kobuqotho, futhi ba “bengabento ethize,” nendlela esenza ngayo namhlanje. Futhi manje siyabona-ke, umehluko wakho, wawungukuthi, ukuthi uNkulunkulu...

⁹⁷ Kwakungukubuyisana okuhle nesibonakaliso esihle salesosikhathi. Lesosikhathi, kwakulungile. Kodwa kwakuzoba ngokwalesosikhathi nje, okwalolohambo. Yilokho kuphela okuyokusebenzela, *lolo* hambo.

⁹⁸ Nomlayezo uMartin Luther awulethayo, wokulungisiswa, wawulungile onyakeni kaLuther. Okungukuthi ngangokuhamba kwavo.

⁹⁹ Ukungeweliswa kwakukuhle onyakeni kaWesley. Okungukuthi ngangokuhamba kwavo.

¹⁰⁰ Bese-ke siza onyakeni wephentekoste. Nokubuyiselwa kweziphiwo kuyinto enhle kakhulu, sasisihle onyakeni, kodwa siya ngaphambili le kwalokho manje. Singaphambili kwalokho, ngokuqinisekileyo impela nje njengoba likhona izwe. Sifanele sibe ngaphambili le kwalento, ngoba senze into efanayo ngakho nabayenza ngaphambili, senza isithixo ngakho. “Ngingowa *lololohlelo* lwakho, ngingowa *lolohlelo* lwakho.”

¹⁰¹ UNkulunkulu uzothumela omunye ozophihliza into futhi ayidabule izicucu, futhi aqinise iZwi laKhe, iZwi eligcwele. Qaphelani. Akabongwe uNkulunkulu! Manje siyabona ukuthi lokho kuqinisele. UNkulunkulu, ecebile ngesihawu saKhe.

¹⁰² Kwase kuthi ngenkathi umprofethi ebhubbisa lokhu, kwabashiya bengenaso noma yisiphi isibonakaliso sokuphiliswa, sokubuyisana, ngoba isithixo sabo sabhujiswa. Kodwa uNkulunkulu, ecebile ngesihawu, wabenzela esinye. Futhi Wenzani, lokho na? Wazamazamisa amanzi echibini ethempelini, nabangingi bayafika futhi waphiliswa, ngokungena kulamanzi. UJesu wehlela kulelichibi elifanayo, wayesebona umuntu owayeselale lapho iminyaka eminingi, elindele ukuzamazama kwamanzi. Niyambona uNkulunkulu, ecebile ngesihawu! Nakuba bayenza isithixo leyonto, nakuba umprofethi wadingeka ukuthi ayidabule, uNkulunkulu wabenzela enye indlela, ngoba Ucebile ngesihawu. Ufuna baphiliswe, futhi Wenza indlela yokuphiliswa kwabo.

¹⁰³ Manje, lokho kwase kuqhubeke, izwe liya ngokuba nesonon kakhulu nokuba nesonon kakhulu, ngaso sonke isikhathini. Futhi ekugcineni izwe laba nokona kakhulu ngangokuthi uNkulunkulu ngabe walibhubhisa, Wathi, kuMalaki 4, “funa Ngifike nokuba ngishaye umhlaba ngesiqalekiso.” Ngabe wakwenza; umbuzo nje.

¹⁰⁴ Kodwa-ke uNkulunkulu, ecebile ngesihawu, Wathumela uMsindisi, uJesu Kristu. Wathumela uJesu ukuba azoba yikho kokubili uMsindisi nomphilisi. Ngokuba Wathi, “Njengokuba uMose waphakamisa inyoka yethusi ehlane, kanjalo iNdodana yomuntu imelwe ukuphakanyiswa,” ngenhlosi efanayo. Yena, ukubuyisana, yilokho esinesibizo phezu kwakho, lutho kodwa ukubuyisana. UJesu akuthenga ngeGazi laKhe, yilokho esinezibizo phezu kwakho. NeBhayibheli lathi, “Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, Yachotshozwa ngobubi bethu, isijeziro sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo; nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina.” Yilokho esingakubiza, ngoba yilokho ukubuyisana, esikumeleyo, okuhlelelwe thina. UNkulunkulu, ecebile ngesihawu!

¹⁰⁵ Lokhu kwakuzoba ngukubuyisana kwaPhakade, ngoba Wafika Yena uqobo. UNkulunkulu wafika Yena uqobo, ngesimo senyama enesono, ukwenza u—u—u—ukubuyisana kwaPhakade; futhi wahlpheka enyameni, futhi wenza ukubuyisana; wayesebuyela emuva esimweni sikaMoya oNgcwele, ukuqinisa lokho kubuyisana. Lapho okwakungekho-nyoka yethusi noma amanzi azamazamayo ayengakwenza, konke kwakukhomba kulokho kuBuyisana okuphelele. UNkulunkulu, ecebile ngesihawu saKhe, ukwenzile lokhu.

¹⁰⁶ Manje, namhlanje, njengalokhu kulusuku esiphila kulo, sedlule kuleminyaka yebandla futhi sachaza yonke into yasuka kuLelo. Osiyazi bakithi bezenkolo bosuku ulilahle kude le lolohlangothi lwaLo. BaLichaza basuke kulo lonke, liye koluny'usuku, omunye unyaka, enye into ethize, emuva le, kusukela kudala. Nokuphilisa ngokukaNkulunkulu kwase kuzophelelwa amandla nje, cishe sekul'khuni ukuthola noma

ubani owayezokukholwa. Babehlekisa ngakho. Akungaphezu kweminyaka engamashumi amabili eyedlula, babehlekisa ngakho. AmaPentecostal ayesesuke ngokwangempela kukho. Aqala ngezinsuku zasekuqaleni, kodwa asuka kukho.

¹⁰⁷ Bukani ukuthi enza kanjani. Manje asenobudlwembe bamahlelo, ephuma egijima ukuwenzela ngalinye isivumokholo, kanjalonjalo. Ngaphandle, esikhundleni sokwemukela ukuKhanya, lapho ukuKhanya kungena; ahlela futhi azenzela izivumokholo, ngalinye liza lijikeleza, ezenzela imfundiso futhi ehlala kuleyomfundiso. Ase-ke ethatheka kakhulu waze uMoya oNgcwele akangabe esakwazi ukungena ebandleni. Aphenduka nje aba ngesinye isithixo njengenyoka yethusi, iba ngu-ngubuthixo. Wonke umfo wathi, “Ngingowa *leli*, futhi ngingowa *lelo*.” Kwakungubuthixo. Sasisemfucumfucwini enjani pho, esikhathini sokuphela.

¹⁰⁸ Kodwa uNkulunkulu, ecebile ngesihawu saKhe, ubuye wathuma uMoya oNgcwele phezu kwethu, futhi eqinisekisa iZwi laKhe kulobubusuku njengoba Ethembisa ukuthi Uyokwenza. UNkulunkulu wethembisa ukuthi Uyozenza lezizinto. Bukani ukuthi Wenzani!

¹⁰⁹ Bukani ukuthi Wenzani, ukuthi kukanjani manje ukuthi singabona ukuthi Wawethembisa kanjani unyaka ngamunye into ethize ukuba yenzeke. Futhi sithola ukuthi kwenzeke njengakho impela nje, ukuthi Washo ukuthi Uyokwenza, ngoba Ucebile ngesihawu saKhe, ukuba njalo abe nesihawu ukuba agcwalise lonke iZwi Alethembisile. Ufanele akwenze, futhi njalo, ukuze ahlale enguNkulunkulu. Njalo Uyakwenza lokhu, iZwi laKhe njalo liyafezeka enkathini yaLo yonyaka. Imbewu yaKhe ayihlwanyele emhlabeni. Wenzani na? Wayifaka lapha eZwini, naleyo yimbewu. Futhi ngaso sonke isikhathi unyaka uyafika, leyombewu iyavuthwa, bese-ke kufika inguquko. Futhi Wakwethembisa, futhi kwenza lokho.

¹¹⁰ Manje sasingazifanele lezizinto. Sasingazifanele lezizibusiso zikaNkulunkulu, ngoba sasiphume salandela izinto zezwe, sangena ekwedukeni kukaKayini. UKayini, akha ialtare elihle nesonto elihle, futhi ebeka izimbali phezu kwalo, futhi wacabanga ukuthi kwakuyilokho impela, “Kwakuyisixheke sama apula noma amapheya, noma amapomegranati, kumbe noma kwakuyini,” ukuthi uyise nonina babekudlile ensimini yase-Edene, okwabaxoshayo. Futhi ngakho wanikela ngalokho wakubuyisela kuNkulunkulu, noNkulunkulu wakwenqaba.

¹¹¹ “Kepha uAbela ngokukholwa wanikela kuNkulunkulu ngomhlatshele omuhle kunoKayini.”

¹¹² Futhi, namhlanje, iBhayibeli lasho kuJuda, ukuthi, “Bahambe ngendlela kaKayini; babhubha ekuphikeni kukaKora.” Niyabo, “bahamba endleleni kaKayini,” bakha ama altare, bakha amasonto, amahlelo, bekwenza kube nezimbali,

amakhulu, amanangi amalunga kunabo bonke abanye; bengenisa izinto, noma yini efikayo nalokho kugxuma phansi naphezulu, noma baxhawulana, noma wabhaphathizwa ngendlela ethize, noma bakhuluma ngezilimi, noma bagijima kwiphansi lendlu, bafaka amagama abo encwadini. Kunjalo. Besoke bephendukela eQinisweni langempela elishunyayelwayo, futhi baLiphike. Kungaba kanjani kanjalo na? Qaphelami mfucumfucu-ni esasikuyo! Qaphelani.

¹¹³ NeBhayibheli lathi, “Futhi bahamba ngendlela kaBalami, futhi babhubha ngokuphika kukaKora.” Babhubha ngokuphika! Kwakuyini ukuphika kukaKora na? “Ngani, ucabanga ukuthi uwena kuphela umuntu ongcwele na? Ngani, okaNkulunkulu... Sonke singewe. Lonke ibandla lonke lilungile. Onke... Sonke sibuthana ndawonye, yilokho ebefanale sikwenze.” Babhubha lapho-ke, lokho. Futhi ngempela sasikufanele. Sasikufanele ukuba yilokho.

¹¹⁴ Kodwa uNkulunkulu, ecebile ngesihawu, usidonse wasikhipha kuleyonxushunxushu futhi wasivumela ukuba siyibone ngaphambi kokuba into ishaye lapha. Ecebile ngesihawu saKhe, futhi wabuye wasithumelela imvuselelo yokuphilisa ngokukaNkulunkulu, nokubuya futhi kwaMandla kaNkulunkulu. Ngokomlando, akukho-mvuselelo eyake yahlala kwaze kwaba ngaphezu kweminyaka emithathu. Lemvuselelo yahamba kwaze kwaba yiminyaka eyishumi nanhlanu, kade kuyimililo evuthayo, ijikeleza ijikeleza umhlaba. Ngani, ngoba sasikufanele na? UNkulunkulu, ecebile ngesihawu saKhe, hhayi ngoba sasikufisa noma ngoba sasikufanele, njalo. Cabangani nje ngokuthi kwenzeni!

¹¹⁵ Ngicabanga ngomunye wodadewenu khona lapha ePhoenix, abanigi benu abamaziyi, uNkk. Hattie Waldrop, wayenomdlavuza wenhliziyo. Futhi wayesemqeni womkhuleko phezulu lapha ngenkathi uMfowethu Moore nami sasilapha okokuqala, cishe ishumi nanhlanu, eminyakeni eyishumi nesishiyagalombili eyedlula. Futhi wayefa, enomdlavuza wenhliziyo, futhi wayefanele ngabe kade afa kudala. Kepha uNkulunkulu, ecebile ngesihawu, wathumela Amandla aKhe phezu kwakhe. Futhi Wasindisa impilo yakhe, futhi uyaphila namhlanje. UNkulunkulu ecebile ngesihawu!

¹¹⁶ UCongressman u-Upshaw, indoda enkulu. Ngicabanga ukuthi wayengumongameli, noma okuthize, we—weBaptisti, iNgqungquethela yeBaptisti engaseNingizimu, ngesinye isikhathi, noma isekela likamongameli noma okuthize. Wayenze konke. Wayeyindoda elungleyo. Wenza konke lokho ayazi ukuthi kwensiwa kanjani. Wayeye kubo bonke odokotela. Akukho-muntu owayengamenzela lutho. Wayeboshelwe phansi. Abefundisi babemkhulekele. Wayenegalane lamafutha ethelwe ekhanda lakhe, ugcobo, ngabefundisi abanigi ndawo zonke.

¹¹⁷ Ngobunye ubusuku, eLos Angeles, eCalifornia, ngenyukela epulpiti, ngibuka isixheke sezihlalo ezinamasondo cishe kabili, kathathu, kulokho okuhlezi lapho, konke phansi naphezulu ezikhaleni zezihlalo, emuva naphambili. Kwase kuthi-ke nakho kulele ngapho umbhejana wohlaka kunentombazane encane yekhaladi phakathi kuwo, intombazane encane eyiNigro, no—nonina wayehlezi eduze kwayo. Nomfowethu wayekade ekhuphula umugqa womkhuleko.

¹¹⁸ Futhi ngangibheka, ngingazi ukuthi kwakwenzekani. Ngase ngibona udokotela, nezibuko zegabolondo lofudu, ehlina intombazane yenigro encane, ngenxa yesimo somphimbo, futhi yakhubazeza. Futhi ngaqalaza, ngacabanga, “Uphi umntwana na?” Ngangingamboni.

¹¹⁹ Emva kwesikhashana, phansi le lapho, kungekho-themba, intombazane encane ethandekayo ecishe ibe neminyaka eyisikhombisa noma eyisishiyagalombili ubudala, ukuba ikhubazeke yonke impilo yayo. Futhi kwakukhona unina ezansi lapho eguge ngamadolo akhe, ekhuleka. Ngase ngithi, “Lodokotela wahlinza intombazane yakho encane,” futhi ngachaza.

Wathi, “Kunjalo, mnumzane.”

¹²⁰ Wase-ke ezama ukuthatha ingane ayise emsamo. Bathi, angakwenzi. Bazama ukumthulisa. Ngesikhathi abamthulisa ngaso, ngacabanga, “Awu, sizothola ithuba lokuyikhulekela.” Emizuzwini embalwa... Mhlawumbe abantu khona lapha wayelapho ngalobo busuku.

¹²¹ Futhi ngangibuka laphaya ezethamelini, ngayibona leyontombazane encane yehla, kwakubukeka njengase—semgwaqeni omncane ongumngingo, iphethe unodoli ngezingalo zayo, ithunduzela lowonodoli. Akunandaba ukuthi udokotela washo kangakanani ukuthi yayizokhubazeza konke ukuphila kwayo; uNkulunkulu ecebile ngesihawu, wathumela uMoya oNgewelete wehla, ngombono, naleyontombazane encane yasukuma yaphuma lapho, futhi yona nonina babambana izandla base behamba behla ngalesosikhala sezihlalo, bedumisa uNkulunkulu.

¹²² Emuva le lapho kuhlezi indoda endala, uCongressman Upshaw, abanangi benu uyabazi ubufakazi bakhe. Wayekade eyindoda elungileyo, wazama yonke impilo yakhe, iminyaka engamashumi ayisithupha-nesithupha isiguli esihlalweni esinamasondo ephusha umbhede; izinduku zokuqhugela ziphansi kwezingalo zakhe, ayehamba ngazo, engasoze ahamba ngokwejwayelekile. Futhi lapho wayehlezi lapho, ebuka lokho. Futhi khona manjalo, ngabuka laphaya ngase ngibona umbono. Nangu eza, ehamba phansi enqamula phezu kwalezozethameli, ekhothamisa ikhanda lakhe, esekwazi ukuhamba kahle nje

njenganoma yimuphi umuntu. Ngangingazi ukuthi yayingubani indoda.

¹²³ Ngathi, “Kukhona indoda enkulu ehlezi emuva lapho. Yawa enqoleni isengumfanyana, efremini yefolishi, yase ilimala iqolo layo. Babhola izimbobo kwiphansi, ukuvimbela ukungqangqazela, ngenkathi abantu behamba, ekushayekeni eqolo layo.” Ngathi, “Iba yindoda enkulu, futhi ilokhu ikhula iba nkulu. Ihlezi esiyngini esikhulu eHlala Mongameli.”

¹²⁴ Yase-ke lendoda ifika yase ingitshela, yathi, “Lowo nguCongressman Upshaw. Sewake wamuzwa na?”

Ngathi, “Angikaze ngizwe ngaye.”

¹²⁵ Futhi ngakho yase igijimisa imayikhi yokukhuluma embhobheni enentanjana ende emuva lapho futhi babexoxa, bephendulana.

¹²⁶ Ngase ngiqala ukuqalaza, ngase ngibona uCongressman omdala eza, ehamba eza ngakimi, embonweni, ephelele nje futhi ephila saka ngokwejwayelekile ngakho konke. UNkulunkulu, ecebile ngesihawu, wamdonsa kulesosihlalo esinamasondo, futhi wahamba ngaphandle kwezinduku zokuqhugela kwaze kwaba wusuku afu ngalo. UNkulunkulu ecebile ngesihawu! Ngenkathi odokotela sebehlulekile, ngenkathi isayense seyehlulekile, ngenkathi yonke enye into yase yehlulekile, uNkulunkulu wayecebile ngesihawu kuCongressman Upshaw.

¹²⁷ Ngicabanga ngami uqobo. Ngisengumfana omdadlana, ngiyakhumbula njenge... Abantu bangibiza ngokuthi namhlanje, “ozonda abesifazane.” Isizathu esaba yikho, yingoba ngibone ukungabinasimilo okukhulu kakhulu kwabesifazane ngenkathi ngisengumfanyana. Ngangibazonda. Futhi angisakwenzi lokho manje, ngoba ngiyazi ukuthi kukhona abanye abalungileyo. Kodwa ngiyakhumbula ukuthi kwakukubi kakhulu kangakanani, ukungabi nesimilo okukhulu. Ngase ngicabanga, “He, a—angisoze ngibe ngalapho kunabantu ngakhona. Anginamfundo, ngakho ngeke ngiyithole.”

¹²⁸ Nomfanyana omdadlana ngingezi lapho, ngingembethethe ngisho neyembe, nebhantshi lami liqhaswe kanje, ngesiqhano, futhi kushisa ngempela. Nothisha wathi, “William, awushisi yini wembethel lelobhantshi na?”

¹²⁹ Ngathi, “Qhabo, memu, ngiyagodola kancanyana.” Wayesethi angiye esitofini futhi ngifake izinkuni esitofini, futhi kwakuthi angishe. Futhi nga—ngangingenayembe yonke leyonkathi yonyaka yaze yaphela.

¹³⁰ Ngase ngicabanga, “Uma bengingake ngize ngithole imali, ngesinye isikhathi ukuze ngizithengele esincane, ngizithengele isibhamu iteti-teti,” bengiyophumela eNtshonalanga lapha futhi nighlale ngaphandle lapha bese ngizingela, konke ukuphila kwami. Ngangingafuni kwenza lutho nabantu. Nje nighlale

kude, ngoba babengangithandi, futhi—futhi nje ngangizihlalela kude nabo.

¹³¹ Kwase kuthi-ke ngaso sonke isikhathi ngangehla ngiye ezansi nedolobha, ukuba ngikhulume noma nobani, ngibone abafo abathize estradini, engangibazi. Ngangithi, “Halo lapho, John, Jim! Ninjani?”

“O, halo.”

¹³² Niyabo, babengafuni ukukhuluma nami, bengafuni kwenza lutho ngami, ngenxa kababa wami nalabo ababenza ugologo. Futhi nga—ngangingakwenzi lokho. Kwakungekho engikwenzile. Futhi ngangiyoba yilolohlobo.

¹³³ Kodwa manje ngathi kumkami, esikhathini esingeside esedlule, “Ubonda lwami luplastelwe ngezibhamu ezinhle ukwedlula zonke ezingathengwa.” O, futhi ngicabanga ngalezozingubo ezindala ezingcolile. Kulobubusuku ngingamasudu amahle amabili noma amathathu. Futhi akukhobangani na? Sengize ngicashe ehlane, ukuba ngidede kubantu. Yini indaba, ngabe yingenxa yokuba nesithunzi kwami, ngabe yingenxa yemfundo yami na? Qhabo. UNkulunkulu, ecebile ngesihawu, wangibona ngikulesosimo futhi Wangisindisa.

¹³⁴ Ngiyakhumbula ngiholwa ngezingalo, njengempumputhe. Ngangikwazi ukubona. Yonke into ephambi kwami yayiluvindi; ngangiyoba yimpumputhe konke ukuphila kwami. Kodwa uNkulunkulu, ecebile ngesihawu, wabuyisela ukubona kwami. Ngineminyaka engamashumi amahlanu-nanhlanu ubudala, futhi ngisalokhu ngibona kahle. UNkulunkulu, ecebile ngesihawu, yiyonanto kuphela engingayisho.

¹³⁵ Ibandla lake laba ngelingenayo indlela ehlinzekiwe yokuphilisa. Babenayo, kodwa bayala. Kodwa uNkulunkulu, ecebile ngesihawu, ubathumele isiphiwo sokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Lowo nguMoya oNgewe phakathi kwethu, eqinisa iZwi ngezibonakaliso zilandela. UNkulunkulu ecebile ngesihawu!

¹³⁶ Nginamakhasi amabili noma amathathu lapha alamanothi, kodwa angizukuzama ukushaya kuwo, ngoba ngi—nginokuzwa ukuthi cishe impela sekuyisikhathi sokuqala lowomugqa womkhuleko. Kodwa uNkulunkulu ecebile ngesihawu saKhe!

¹³⁷ Abanigi benu lapha kulobubusuku, odokotela banalile. Kunabantu abahlezi kulezozihlalo ezinamasondo, mhlawumbe abasoze baphuma lapho. Balapho ukuba bahlale. Abanye babo, bakhubazeke ngezindlela ezechlukene, ba (abangasoze) ngeke baphume, ayikho indlela kubo ukuba baphume. Kodwa uNkulunkulu, ecebile ngesihawu saKhe, uhlinzekiwe ukubuyisana. Ungakwali. Kwemukele. Kukhona amadoda khona lapho anokukhathazwa yinhliziyo, kunabantu abanemidlavuza, odokotela abangeke benza lutho ngayo. Awunathemba, nasizo, kulelizwe.

¹³⁸ Kodwa uNkulunkulu, ecebile ngesihawu saKhe, uthumele uMoya oNgewe wehla, futhi ukhona lapha manje ukuqinisa iZwi, ukufakazisa ukuthi nguYena izolo, namuhla, naphakade. Ngoba sikufanele na? Ngoba uNkulunkulu ucebile ngesihawu saKhe! Amen. Manje yiLowo-ke, yilowomoMuntu, YileyoNkosi uJesu. Akafile, kodwa Uvukile kwabafleyo, futhi Uphila kuze kube-phakade.

¹³⁹ NguYena izolo, namuhla, naphakade, usalokhu nje ecebile nje ngesihawu saKhe njengoba Wayenjalo kowesifazane owayenomopho. Futhi waqala edabula esixukwini. Kwakungasekho-mathemba akhe, odokotela babenze konke ababengakwenza. Wayenomopho. Wayefa. Futhi wathinta ingubo yeNkosi. UNkulunkulu, ecebile ngesihawu, wajika wayesemtshela isimo sakhe. Futhi waphiliswa kulomopho.

¹⁴⁰ Esincane, isifebe esingcolile senyukela emthonjeni ngolony'usuku, ukuyokha amanzi. Kungekho-themba. Sasikade sesixoshiwe ezintombini, kubantu bendawo, impilo yaso yayingalungile. Futhi sacabanga, "Kusiza ngani ukuzama na? Ngiyaxoshwa, angisasalelwu lutho." Kodwa sabuka, simi ngale eceleni, noma sihlezi eceleni komthombo, futhi kwakukhona iNDoda ihlezi lapho Eysitshela zonke izinto esake sazenza, uNkulunkulu ecebile ngesihawu saKhe.

¹⁴¹ LowoNkulunkulu ofanayo, kulobubusuku, usacebe impela nje ngesihawu saKhe, futhi usafana nje njengoba Wayenjalo ngalezozinsuku. UNkulunkulu ecebile. [Akuqoshwangwa eteyipini—Umhl.]

¹⁴² Ngicabanga ukuthi sinamakhadi omkhuleko angamakhulu amabili khona lapha, noma esiwabizile emakhulwini amabili. Sizowabiza bese sidedela abantu bame umugqa. Sizobakhulekela.

¹⁴³ Kodwa ngaphambi kokuba sikwenze, ukuthi kungabakhona abafikayo abasha lapha, ukuba basuke kuzo zonke izinkoloze. Lena akusiyo inkoloze. Kungukubonakaliswa kwesthembiso sikaNkulunkulu. Kuya ngokuthi wena ubhekeni. Akukho ziqiniseko zobumsulwa kunoma yimuphi umuntu. Akukhomandla kumuntu. Kodwa thina njengamakholwa sinegunya; hhayi amandla, kodwa igunya.

¹⁴⁴ Omunye wangibuza, kungekudala, wathi, "Mfowethu Branham, uyakholwa ukuthi unamandla okwenza lokhu na?"

¹⁴⁵ Ngathi, "Anginamandla, nhlobo, kodwa nginegunya." Lonke ikholwa linalo. Uma ulala, uzohlala lapho okhona. Kodwa uma uzolemukela, lizokwenza okuningi kakhlulu ngokwedlulele, ngoba uNkulunkulu ucebile ngesihawu saKhe.

¹⁴⁶ Thatha iphoysa elincane limi phandle lapha estradini, izingubo zalo zilenga zaze zagamanxa kulo, lizace lingamathambo. Ikepisi lithe dli ezindlebeni zalo. Futhi liphumela lapho lapho khona izimoto ziza zehla ngalesositredi,

ngamamayela angamashumi amahlanu ngehora, izinjini ezinamandla amahhashi angamakhulu amathathu kuyo. Alinawo amandla okumisa ibhayisikili. Kunjalo. Kodwa ake nje libethe leyompempe futhi limise lesosandla, futhi uqaphele amabreki eklwiklwiza. Alinamandla, kodwa linegunya. Lonke idolobha lisemva kwalo.

¹⁴⁷ Futhi uma owesilisa noma owesifazane, angikhathali ukuthi simo sini okuso, unegunya likaNkulunkulu, ngesithembiso, ngoba Ucebile futhi wethembisa ukwenza okuningi kakhulu ngokwedlulele. “Uma uthi kulentaba, ‘nqukuleka,’ futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwa ukuthi okushilo kuzofezeka, ungaba nakho okushilo.” Awunamandla, kodwa unegunya.

¹⁴⁸ Khumbula ngenkathi Engitshela emuva lapho, wathi, “Uyokwazi ukwembula izimfihlo zezinhlizyo.” Ngokuba U... Niyakukhumbula lokho, abanangi benu bantu basePhoenix na? Wakwethembisa. Akwethembisayo, Uyakwenza.

¹⁴⁹ Manje kukhona abanye benu lapha ongenawo amakhadi omkhuleko, futhi akungabazeki. Bangaki ogulayo futhi bengenawo amakhadi omkhuleko, phakamisani izandla zenu? Impela. Kulungile. Uma nifuna ukwazi, hhayi igunya...hhayi amandla, kodwa igunya leZwi, “Izinto engizenzayo Mina, nani ngokunjalo.”

¹⁵⁰ UJesu wethembisa, kuLuka 17:30, ukuthi nje ngaphambi kokuFika kwaKhe, kuyobakhona njengesikhathi sikaMose... noma uNowa, “Ngenkathi babedla futhi bephuza, futhi bendisa; futhi abazanga kwaze kwaba wusuku uNowa angena ngalo emkhunjini.” Wathi kuyoba yilesosikhathi. Wayesethike futhi, “Njengoba kwenzeneka emihleni kaLoti,” wayesethi, “lokhu kuyokwenzeka ngalowomuhla lapho iNdodana yomuntu iyokwembulwa khona, lapho iNdodana yomuntu yembulwa khona ngemihla yokugcina.”

¹⁵¹ Manje bukani ukuthi Yona, iNdodana yomuntu yazembula Yona uqobo kanjani kumuntu waleNgelosi, eyayiyiNdodana yomuntu. Ngokoqobo. UAbrahama waYibiza ngo, “Elohim.” YayiyiNdodana yomuntu, yazembula Yona uqobo ngaphambi nje kokuba izwe labeZizwe lishiswe. Yakwenza kanjani na? Ekholweni. Kumzenzisi, Yathumela abashumayeli ababili ezansi ukuba bashumayele kubo. Kodwa ekholweni langempela, Yama Ifulathele ithende, Yayisithi, “Abrahama.” WayenguAbrama ngosuku...ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi, kwalokho. Kodwa manje usenguAbrahama. “Uphi umkakho, uSara na?”

¹⁵² Wathi, “Usehendeni, emva kwakho.”

¹⁵³ Yathi, “Ngizosigcina isithembiso saMi kuwe. Ngizokuvakashela.”

¹⁵⁴ O, uAbrahama wayeneminyaka eyikhulu ubudala, noSara wayenamashumi ayisishiyagalolunye; kodwa uNkulunkulu,

ecebile ngesihawu, wasigcina isithembiso saKhe. Saletha ingane, ngoba uNkulunkulu unesihawu, futhi Yena ugcwele isihawu. Ucebile ngesihawu. Uyasigcina isithembiso saKhe.

¹⁵⁵ Qaphelani, Efulathele ithende, uSara wahleka wayesethi, “Lezizinto zingenzeka kanjani na? Sengimdala. Ngingaba kanjani nenjabulo nendoda yami, njengowesifazane organile osemusha na? Ngani, isineminyaka eyikhulu ubudala. Ukuhlangana kwethu komndeni sekunqamukile, eminyakemi eminingi, ningi eyedlula. Lokhu kungenzeka kanjani na?” Futhi wahleka ngakho.

¹⁵⁶ NeNgelosi ne...iNdodana yomuntu Ifulathele i—ithende, yathi, “Uhlekeleni uSara, ethi, ‘Lezizinto zingenzeka kanjani na?’”

¹⁵⁷ Kwakuyini na? UJesu washo, kuLuka oNgcwele 17:30, ukuthi, “Emihleni njengoba kwenzeka emihleni kaLoti,” isimo esifanayo, ngaphambi kokuba izwe labeZizwe lishiswe, Wathi, “iNdodana yomuntu iyozembla Yona uqobo ngalowomuhla.” Wenza isithembiso, ukuthi uMalaki 4 wasethembisa ukuthi kuyokusho. UMLayezo uyovela oyobuyisela abantu babuyeleg eMlayezweni wephentekoste lasekuqaleni, nangezibusiso ezifanayo ababenazo ngomhla we...Kuyini na? Wukhozi olumaphiko-mabili, omabili iTestamente eLisha neLidala, lubhakuzisa izithembiso zalo kanyekanye, zikaNkulunkulu, ukugewalisa lokho izithembiso zeBhayibheli elathi ziokwenza. Amen.

¹⁵⁸ UNkulunkulu, ecebile ngesihawu, wayengeke abavumele abantu baKhe baphumele kulokhu kwamahlelo, “acebe ngezimpahla nezinto zezwe,” uNyaka weBandla laseLawodikeyo, kodwa Wayezokwenza indlela yokuphunyuka. Kukholweni, bantu. UNkulunkulu anibusise. Amen. UNkulunkulu ucebile ngesihawu! Imisa kaNkulunkulu, yileyonto kuphela engiyifisayo. Hhayi ukulunga kwaKhe, hhayi umthetho waKhe; kodwa isihawu saKhe yilokho engikubizayo. Nkulunkulu ngihawukele. Sonke sinalowomuzwa.

¹⁵⁹ Bengibhekisisa. Kukhona owesifazane omncane ohlezi khona lapha ekugcineni kwesihlalo. Unalo ikhadi lomkhuleko khona lapho, nenekazi na? Awunalo. Ake ngikukhombise ukuthi uNkulunkulu ucebile ngesihawu. Kade unokwethuka ngempela lapha kamuva, kade ungenakho na? Kukubi ngempela, namehlo akho liye ngokuba libi kakhulu. Akunjalo lokho na? Kunjalo. Manje azoshintsha. UNkulunkulu, ucebile ngesihawu saKhe, ngokukubuza ukuthi uzokholwa yini yilokhu. Manje awunakhadi lomkhuleko, awunalutho; kodwa awulidingi. Uyabo, ngumusa owethweswa wona.

¹⁶⁰ Nakho kuhlezi umfo omncanyanya ohlezi khona lapho ngaphambili, nohlobo lwe...ehlezi khona lapho lapha. Uphethwe yisigaxa emzimbeni wakhe. Sisanda kuvela nje

lapho, maduze. Akunjalo, mnumzane na? Kunjalo. Awazi ukuthi kuyini. Uyakwesaba. Kunjalo. Kwabangelwa ngukulimala, akubangwanga yikho na? Unalo ikhadi lomkhuleko na? Uwunakhadi lomkhuleko. Awulidingi elilodwa. UNkulunkulu ucebile ngesihawu saKhe!

¹⁶¹ O, mfowethu, dadewethu, kholwa nguNkulunkulu! UngaMngabazi. Mkholwe! Kunjalo.

¹⁶² Lapha kuhlezi indoda, egqoke isudu empunga, ifake izibuko. Buka lapha, mnumzane. Uyakholwa na? UNkulunkulu ucebile ngesihawu saKhe. Uhlezi lapho neqhubu eliyisibhono. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angaliphilisa leloqhubu eliyisibhono futhi akusindise na? Uhlezi khona lapha ekugcineni kwesihlalo, ungibuka. Uma ukholwa ukuthi uNkulunkulu angaliphilisa leloqhubu eliyisibhono, uNkulunkulu uzokwenza lokho kuwe uma uzokwemukela. Uyakholwa na? Uzokwemukela na? Kulungile. Ungaba nakho uma nje uzokukholwa, ube nesihawu. Yebo, mnumzane.

¹⁶³ Nanti inenekazi lihlezi khona lapha, liguliswa ngukujikeleza okungahambi kahle emzimbeni walo. Kodwa uma lizokholwa, uNkulunkulu uzoliphilisa, uma likukholwa. Ngikholwa ukuthi lizokugeja, impela njenganoma yini. Yiba nesihawu, ngumkhuleko wami. Ngingambona kancane owesifazane... uNkk. Riley, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa lokho kujikeleza okungahambi kahle na? Uma uzokholwa, kwemukele! Amen. Kholwa nje. UNkulunkulu muhle, Akanjalo, Stella na? Ya. Kunjalo. Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Kodwa, uNkulunkulu, ngesihawu saKhe!

¹⁶⁴ Nakhu kuhlezi omunye wesifazane, ehlezi emuva ngqo emuva lapho, khona ngemuva, engibuka ngqo. Yena, futhi, unokujikeleza okungahambi kahle, futhi. Ubecabanga ngakho ngaleyonkathi nje. Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Ngokuthi lona omunye wesifazane ubenento efanayo, engibuka. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, noma inceku yaKhe na? Nawe unokukhathazwa yinhliziyo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Awusenakho manje. UNkulunkulu, ucebile ngesihawu saKhe, uyakhombisa ukuthi Uyaphila lapha endlini kulobubusuku. UNkulunkulu ucebile ngesihawu saKhe! Amen.

¹⁶⁵ Bangabakhona yini, zingaki izoni nabahlubuki enizoma ngezinyawo zenu, bese nithi, "UNkulunkulu, ucebile ngesihawu saKhe, ngihawukele"? Yimani ngezinyawo zenu. Ngizonikhulekela, uma nikholwa ukuthi Ufuna...nifuna isihawu manje. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena. Mhlubuki, sukuma ume ngezinyawo zakho. UNkulunkulu ucebile ngesihawu saKhe! Ngabe u—u...

¹⁶⁶ Impela anitholanga ukuba ndikindiki kakhulu kangako, kulesisimo, ukuthi ngeke nabona ukuthi leso yisona sithembiso impela sehora. Impela anisongelwe kakhulu kangako ehlelweni, nezinye izinto, ukuthi ngeke nabona ukuthi lesi yisithembiso sehora, uNkulunkulu ucebile ngesihawu.

¹⁶⁷ Kumbe noma ubungabani, omileyo, ngizokhuleka nje emzuzwini. Ngifuna nenze indlela yenu kwelinye ibandla eligcwele iVangeli futhi—futhi ni—futhi nibhaphathizwe ngombhaphathizo wamaKristu, uNkulunkulu aniphe uMoya oNgcwele.

¹⁶⁸ Ngabe ukhona omunye ozoma ngezinyawo zakho, bese uthi, “Mina, ngifuna ukukhunjulwa. Nkulunkulu, ngesihawu saKho, ngikhumbule. Angiphilanga njengoba bekufanele ngiphile. Mhlawumbe...”? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Futhi uNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Nakhoke. “UNkulunkulu, ecebile ngesihawu saKhe, angihawukele.” UNkulunkulu akabusise, dadewethu. Ngabe kukhona...

¹⁶⁹ Bangaki abanye futhi ophakathi lapha, othi, “Ngizoma. Ngifuna uNkulunkulu azi ukuthi ngifuna isihawu. Angiphilanga kahle. Ngiphile nga lendlela na *leyo* ndlela. Kade ngiphansi naphezulu, kodwa ngifuna isihawu saKhe.” UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Omunye futhi, othi, “UNkulunkulu ucebile ngesihawu saKhe!” UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Nakhoke. UNkulunkulu ucebile ngesihawu saKhe! UNkulunkulu akubusise, nawe. UNkulunkulu akubusise emuva lapho. UNkulunkulu uyakubona. Mana ngezinyawo zakho nje.

¹⁷⁰ Uthi, “Ngabe kuyasiza, Mfowethu Branham na?” Impela. Sukuma bese ubona ukuthi kwehluke kakhulu kangakanani.

¹⁷¹ Uma uqotho ngempela enhliziweni yakho, uNkulunkulu ucebile ngesihawu. “Akathandi ukuba kubhubhe-namunye, kepha ukuba bonke beze ekuphendukeni.” UNkulunkulu ucebile ngesihawu saKhe! O Nkulunkulu, sihawukele.

¹⁷² Manje bangaki phakathi lapha manje, obambe lawomakhadi omkhuleko na? Abengobani na? OA noB, bekungenjalo na? OA noB. Bonke abantu onamakhadi omkhuleko oA, yimani *ngapha*, nekhadi lomkhuleko uB bazoma emva kwabo.

¹⁷³ Angazi noma bakhona yini abanye abefundisi lapha abangathanda ukuba magange ukungisiza. Uma behkona, abangathanda ukwenyuka, ngingajabula ukuba nosizo lwenu—lwenu lapha, ngokuba sizokujabulela ukukhuleka, futhi sikhuleke—sikhuleke nani.

¹⁷⁴ Lokhu, iBhayibheli lathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Yebo, mnumzane. “NgeGama laMi bayakukhipha amademoni, bayokhulumu ngezilimi ezintsha.” Ngabe sikwenzile na? Ngomusa kaNkulunkulu; hhayi

thina, kepha uNkulunkulu ucebile ngesihawu ukugcina iZwi laKhe. UNkulunkulu!

¹⁷⁵ Manje, izihlalo ezinamasondo, uma nifuna ukuzibeka phansi lapha ngaphambili; sizobakhulekela khona lapha, asizukudingeka ukuba sibadonsele phezulu bedlula kulokho, sonke lesosikhala sezihlalo lapho. Aku, kulungile, abeze benyukele khona lapha. Impela sizokukhulekela, sonke. UNkulunkulu ucebile ngesihawu saKhe!

¹⁷⁶ Ningama ngakwesokudla manje, okwemizuzu embalwa na? Ngabe uMfowethu Brown uze nani na? [Umfowethu uthi, "Uza kusasa."—Umhl.] Uza kusasa. Bengi—ngi—ngisemathembeni okuthi ubezoba khona. Uphi, uphi uMfowethu Outlaw, uphi uMfowethu Fuller? Abanye balabobantu obephezulu lapha ngenkathi ngifika kuqala, asibuye. Niyayikhumbula lemigqa yemikhuleko eyifeshini endala, ngenkathi sasivame ukuma lapho nize ningibambe ohlangothini olulodwa, nomunye ngakolunye, ngiphela amandla kakhulu?

¹⁷⁷ Bangaki obekuleyomihlangano emuva le ekuqaleni na? Bukani lapha. Niyakhumbula emuva lapho, nganitshela ukuthi iNkosi uJesu yangitshela lokho, uma ngiyobaqotho, ukuthi lezizinto ziyokwenzeka. Ngabe kunjalo na? Sasingakaze sibe nokunje njengalokho ngalolosuku. Kodwa kwenzeka, ngoba uNkulunkulu ucebile ngesihawu saKhe, futhi wethembekile esithembisweni saKhe. Amen! Ngizama ukuyeka, futhi angikwazi. Amen! Akadunyiswe uNkulunkulu! Haleluya! "O, ngijabula kakhulu ngingomunye wabo!" Amen. O, he!

Kunabantu cishe ndawo zonke,
 Abanhliziyo zabo zonke ziyavutha
 NgoMilo owehla ngePhentekoste,
 Owahlanza wabenza bahlanzeka;
 O, usuyavutha manje phakathi kwenhliziyo
 yami,
 O, udumo eGameni laKhe!
 Ngiyajabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi
 ngingomunye wabo.

¹⁷⁸ O, mina, olusizi, owokuhawukelwa, olusizi ophuphuthekile nompofu, njengoba nganginjalo; futhi manje ngesihawu saKhe, isihawu saKhe esicebile, sengiyawubona uMbuso kaNkulunkulu ngokubona. Amen. Mihle kakhulu imiYalelo yaKhe!

¹⁷⁹ Yima khona ngale, mfowethu, ngenduku yakho yokuqhugela. Uma ungakwazi ukusukuma, kulungile, yima khona lapha, sizokwehla ngqo futhi sikukhulekele.

¹⁸⁰ Futhi manje akuthi oA noB, bamakhadi omkhuleko, bame umugqa ngale ngakolunye uhlangothi lapho, futhi sizobakhulekela.

¹⁸¹ Bafowethu abangabefundisi, nina ngokwempela, uma nikholelwa ekubekweni izandla phezu kwabagulayo, wozani

khona lapha bese nima kanye nami kulomsamo. Sizokhulekela abagulayo.

¹⁸² Manje kinina bantu abami kulowomugqa, uma ningahle nikholwe ukuthi uBukhona bukaNkulunkulu bulapha, ukuthi uMoya oNgcwele uphakathi kwethu manje, wenza khona impela nje Athi Uyokwenza. Ukuba benginamandla okuniphilisa, bengiyokwenza ngempela. Ukuba benginayo indlela yokuniphilisa, bengiyokwenza ngempela. Anginayo. Ngi...uNkulunkulu uphe isipho esincane.

¹⁸³ Angisuye umshumayeli okangako. Anginayo imfundu eyenele ukuba ngibe nezidingakalo ezifanele njengomshumayeli, okubizwa ngomshumayeli ngalezizinsuku, lapho i—lapho izehlakalo zifanele zibe yisehlakalo sesayense yezenkolo, futhi sifanele sibe nesiqu esithize sobudokotela, kanjalonjalo. Angikwazi ukuba nezidingakalo zalokho. Kodwa uNkulunkulu, ebona inhliziyo yami, futhi azi ukuthi ngifuna ukuMenzela okuthize, ngifuna ukukuthokozela.

¹⁸⁴ Indoda yathi kimi ngoluny'usuku, yathi, “Ngicabanga ukuthi nje uyindoda ekahle, Mnu. Branham, kodwa ngikholwa ukuthi unephutha uqobo. Uphume ngakho konke entandweni. Uyazi yini ukuthi uyolahla ekugcineni na?”

¹⁸⁵ Ngase ngithi, “Buka, kukhona engifuna ukukutshela khona. Ngizosho ukuthi u—ukuthi ubungabe uqinisile, ukusholo impikiswano nje. Uma nginephutha, engi—ngingakholwa ukuthi nginalo; kodwa uma benginephutha, futhi ngaze khona manje ukuthi bengizophila ukuba ngibe neminyaka eyikhulu ubudala, futhi Ebezongilahla ekupheleni kwendlela, futhi angitshеле, ‘Akukufanele ukuba ungene eZulwini laMi, William Branham. Phuma uyongena ebumnyameni obungaphandle.’ Uyazi ukuthini? BengiyoMkhonza ngazo zonke izinsuku zokuphila kwami ngize ngihambe, empeleni. Ngokuba ngemukele okuningi kakhulu kwezibusiso zaKhe engingafanele ukubongwa ngazo, ukuthi Ungaphezu kokuphila kimi. Uyikho konke engi...”

¹⁸⁶ Konke engiyikho, konke lokho engake ngethembra ukuba yikho, ngikuzuze emseni waKhe nesihawu. Ngangilusizi, owokuhawukelwa, ompofu, ophuphuthekile; kodwa ngomusa Ungiphilisile, futhi nginamandla futhi ngiphilile, ngomusa kaNkulunkulu. Nginokubona kahle. Ngidlile, ngiyaphuza, nginakho konke engikudingayo. Akazange athembise ukunginika engikufunayo; izidingo zami.

¹⁸⁷ Futhi uma ngilahlwa ngalolosuku, futhi bengazi... Angiboni ukuthi bengiyoba kuphi. Kodwa uma bengazi ukuthi benginephutha, noNkulunkulu wangikhetha ukuba ngibe nephutha, bengiyofuna ukuhlala nginephutha, futhi ngenxa yokuthi ngifuna ukwenza intando yaKhe. Kungukuthi, ngiyaMthanda ngize ngifune ukuba intando yaKhe yenziwe. Manje, leyo yinkulumo-mbiko enkulu, kodwa ngiyethembra

uyithola ngendlela, umoya engiyisho ngikuwo. Uyabo, ngifuna ukwenza intando yaKhe. NgiMcela okuthize ngesinye isikhathi, Unikina ikhanda laKhe “qhabo,” ngivele nje ngijabule kakhulu impela ngalokho njengoba ngingenza uma Ethe “yebo.” Ngoba, sifanele njalo sicele, “Mayenziwe intando yaKho.” Oqhabo baKhe ufana nje nje...uma leyo kuyintando yaKhe, lokho nje...Kungcono kakhulu kakhulu kunoyebo baKhe, uma kuyintando yaKhe ukukwenza. Kungalenkathi oMthanda khona ngempela. Amen.

¹⁸⁸ Ngilokhu ngikhuluma ngaYe, nje angikwazi ukuyeka. O, Unguye ngempela ngempela, ngempela ngempela kimi! Bangane, U—Uyikho konke engiyikho, konke engangiyoke ngibe yikho, konke lokho engiyolokhu ngibheke ukuba kube yikho, kugxile kuKristu Jesu, iZwi laKhe.

¹⁸⁹ Nginokubonga kulobibusuku ngobufakazi bukaMoya oNgewe, ngoMlayezo. Ngiyazi kungahle, abanye bangahle bangavumelani naWo, kodwa njengoba nginitshelile, ngibophezelekile eMlayezweni. Kuphume isibonakaliso, noNkulunkulu akathumeli nje isibonakaliso ukubonisa ukuthi UnguNkulunkulu. UMLayezo, iPhimbo njalo lilandela isibonakaliso. Noma ubani uyakwazi lokho.

¹⁹⁰ UJesu ufika nezibonakaliso nezimanga. WayenguMuntu omkhulu ngenkathi Enza izibonakaliso nezimanga, kodwa ngenkathi Eqala ukuhlala phansi nokuqala ukuletha uMlayezo, “Mina noBaba waMi siMunye,” o, he, lokho kwakuyiphutha kubo. Niyabo? Kodwa iPhimbo lalifanele lilandele isibonakaliso.

¹⁹¹ UMose wanikwa izibonakaliso ezimbili, futhi isibonakaliso ngasinye sasinephimbo. Kunjalo. Ngashumayela ngakho lapha esikhathini esithize esedlule, ndawo ndawo, ngokuthi, *iPhimbo LesiBonakaliso*. Kufanele kube ne—nePhimbo lesibonakaliso. Kungukushintsha. Njalo kuyileyondlela. Uma kungesikho, khona-ke akuvelanga kuNkulunkulu.

¹⁹² Uma umuntu ephuma nenkonzo engejwayelekile eyinqaba, etholakala eBhayibhelini ukuthi iyiQiniso, nalowomuntu ahlaale ngqo kuleyomfundiso yobuhlelo endala efanayo, khohlwa yiyo. Akukho lutho kuyo! UNkulunkulu akayenzi into efana naleyo. Leyonto, leyo yimana ebolile enemihlwa kuyo, noma onoshobishobi, kumbe noma ngabe nifuna ukukubiza ngani, kusukela emashumini amane, iminyaka engamashumi amahlanu eyedlula, besalokhu bezama ukudla leyomana endala eyawa emuva le eminyakeni eyedlula. Nabantwana bakwaIsrayeli, ohambweni lwabo, imana entsha yayiwa njalo ebusuku. Kunjalo, wawungeke uyigcine kuze kube ngakusasa.

¹⁹³ Asiphili ngale komunye unyaka owadlula. Sidla iMana entsha, iMana esentsha evela eZulwini, ohambweni lwethu lapho sihamba siqhubeke.

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

¹⁹⁴ Nkosi Nkulunkulu, Unguwe ngempela ngempela, uBukhona baKho. Ngicabanga ngomusa, Nkosi. Si—siKubonile nje wenza izinto eziningi kakhulu! SiKuzwile ukhuluma ngezilimi, siKubona ukuhumusha, ngabantu baKho. O Nkulunkulu, ukuKubona uphilisa abagulayo, uvula amehlo ezimpumputhe, wenza izishosha ukuba zihambe, izithulu ukuba zizwe, izimungulu ukuba zikhulume, Wena unguNkulunkulu omkhulu nonamandla kangaka!

¹⁹⁵ Bese kuba-ke ngukubona ukuthi Wethembisa lokhu ngezinsuku zokugcina. Nakuba sineziningi izifaniso zokwenyama, nokho kumemezela kuphela ukuthi kukhona uNkulunkulu wangempela, ndawondawo, oqinisile ngempela. Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, kulobubusuku, ukuthi sizoba ngabezwayo kakhulu ngoNkulunkulu ukuthi sibone ukuthi Wena ulapha.

¹⁹⁶ Nalababantu emgqeni, uma bedlula ngalomugqa, Nkosi... . ngokuba senza lokhu ngenxa yokuthi, ukuthi senza isithembiso kubo. Futhi Wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

¹⁹⁷ Nampa abafowethu abangabefundisi bemi lapha, amadoda Owakhethile, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuba abe yilokho ayikho kulobubusuku. Wawazi, ngaphambi kokuba kubekhona izwe, ukuthi siyoma lapha kulobubusuku, ngoba Wena ungongenapasiphelo.

¹⁹⁸ Ngakho siyahuleka, Baba waseZulwini, kulobubusuku, ukuthi njengoba lababantu abagulayo, abakhubazekile, abayizimpumputhe, abayizishosha, asebagogobaliswa ngumdlavuza, noma kungaba yini, odlula ngalomugqa, kwangathi bangaqonda ukuthi yena impela uNkulunkulu owazi imfihlo yenhliyi uzobaphilisa, uma nje kuphela bezokwemukela, kuphela babuke futhi baqonde.

¹⁹⁹ Umuntu owayebheka inyoka yethusi njengompristi nje... . uphis i wethusi, wayengaphiliswa neze, ngoba wayengenakho ukuqonda ukuthi kwakuyini.

²⁰⁰ Futhi namuhla, Nkosi, kuyafana. Uma bebheka isiphiwo, ukucabanga ngaso ukuthi singahle sibasize, abanakho ukuqonda. Sisekuqinisekisweni koBukhona bukaNkulunkulu olapha ukuba aphilise. Siphe khona, Baba. Kwangathi kungenziwa, eGameni likaJesu. Amen.

²⁰¹ Ngifuna umshayi wopiyano omncane, uma ethanda, owesilisa noma owesifazane, noma kungaba ngubani, ukuba aye laphaya futhi adlale leliculo, “INyanga enkululu manje iseduze, uJesu onozwelo,” uma ethanda, noma ngabe umshayi wopiyano ukuphi. Manje lokho yi... .

²⁰² Ngiyakhumbula enye yenkonzo yami yokuqala yokuphilisa, eFort Wayne, eIndiana. Intombazane encane engumAmish ihlezi, ishaya lolopiyano, “INyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo.” Ingane encane yaletshwa kimi emsamoa, yayikhubazekile. Futhi ngenkathi ngisakhulekela leyongane, yagxuma yaphuma ezingalweni zami yase igijima yehla inqamula emsamoa. Umama waquleka. Ugogo waphosa phezulu iduku lakhe, uqala ukukhala.

²⁰³ Nalentombazane engumAmish encane manje, ingazi lutho nganoma yini ngamaPentecostal, ngoba yayisonta ebandleni lama-Amish; kodwa yayishaya. Izinwele zayo ezinde yawa phansi; yavuka iseMoyeni futhi iqala ukucula ngezilimi ezingaziwa, no...nangokuzwana kwaleloculo. Nalezozinkinobho zopyano ziya phansi naphezulu, zishaya, “INyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo.” Amen! Nguyenia izolo, namuhla, naphakade.

²⁰⁴ Manje asikhuleke manje njengoba... Manje asithi wonke umuntu khona lapho akhuleke. Ninabantu enizayo nedlula emgqeni, uma sibeka izandla phezu kwenu, khumbulani, uJesu wathi, “Uma niyokukholwa, niyosindiswa.” Niyakukholwa na? Manje asicule sonke manje.

INyanga enkulu manje iseduze,
UJesu onozwelo,
Ukhuluma... (Asivale amehlo ethu nje
manje sisacula)... izinhliziyo zenanela
ngokujabula,
O, yizwani iphimbo likaJesu.
Nothi eliminandi kunawo onke eculweni
lamaserafi,
Gama eliminandi kunawo onke olwimini
lwabantu,
Elimnandi kunawo onke... (Baba
Nkulunkulu, hamba phezu kwabantu
manje)... culwa.
O Jesu, Jesu obusisiweyo.

²⁰⁵ “Enkulu...” Manje njengoba nihamba nedlula manje, Ulapha. Thathani izwi lami, noma ukukholwe wena uqobo, Ulapha. Wonke umuntu emkhulekweni khona lapho manje wabantu.

²⁰⁶ [UMfowethu Branham nabefundisi bakhulekela abagulayo ngenkathi uMfowethu Borders ehola ibandla ekuculeni. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

O Nkosi, ngiyakholwa; O Nkosi, ngiyakholwa;
Zonke izinto zingenzenka, O Nkosi,
ngiyakholwa.

²⁰⁷ Wonke lowo okholwayo, phakamisa isandla sakho kanje, uthi, “Ngiyakholwa.” [Ibandla lithi, “Ngiyakholwa.”—Umhl.]

²⁰⁸ Nakhu kuhlezi indoda ehlezi lapha. Isizathu sokuba ngelule, ngikhuluma, ibulawa ngumdlavuza. Ihamba ngalenduku yokuqhugela. Ayikho indlela ezweni yokuba indoda iphile, ngaphandle kukaNkulunkulu. Inomdlavuza ezibilini zonke, futhi izofa uma kungengenxa yesihawu sikaNkulunkulu. Futhi ngifisa sengathi bengingavele nje...[Akuqoshwang eteyipini—Umhl.]...izwi lokukhuthaza kulendoda.

²⁰⁹ Wena, uyazi odokotela ngeke besakwenzela lutho manje. Usungaphambili le kwalokho, uyabo. Futhi u...Unethuba elilodwa kuphela, nalelo likuKristu, uyabo. Futhi, mfowethu, u...Ngiyofa ngeliny'ilanga, nami. Uzofanele uhambe, uma uJesu elibala. Ngifanele ngidibane nawe laphaya, ngime lapho eNkantolo yokwaHlulelw. Nalobubusuku...

²¹⁰ Niyazi, njengakutelevishini, itelevishini ibikucosha lokho ngaso sonke isikhathi ngisho sinyakazisa umunwe wethu, noma yini, kuserekhodini. Lonke izwi esilishoyo, liserekhodini. Manje, niyabo, itelevishini ikufakazisile lokho. Manje, itelevishini ayisikhizi isithombe, kuphela ihambisa ngomgudu lelogagasi lingene kwitelevishini. Niyabo, ayisenzi. Yayikhona itelevishini ngenkathi uAdamu ehamba emhlabeni, yayikhona itelevishini ngenkathi—ngenkathi uMose edabula oLwandle oluBomvu, yayikhona itelevishini ngenkathi uElija eseNtabeni iKameli, niyabo, kodwa basanda kukuvumbulula manje. Niyabo? Futhi manje ndawo zonke ngi...

²¹¹ Wonke umnyakazo esiwenzayo, nawo wonke umpsindo, udlala irekhode eliyohlangana nathi ekwaHlulew. Wonke umnyakazo esiwenzayo uzohlangana nathi lapho. Ngifanele ngiphendule ngamazwi engiwasho kuwe, njengomfundisi. Ngifanele ngikwenze, ngoba uNkulunkulu uyobeka mina icala kukho.

²¹² Manje uma bengingahle ngikwenze, bengingakusindisa; ngoba nje ninesikhathi esincane, uma kungengenxa kaNkulunkulu. Manje, ngehlide futhi ngakukhulekela, konke engaziyo ukuthi kwensiwa kanjani. Mfowethu, noma yini ezweni, bengingayenzela indoda ehlezi lapho kulesosimo, bengingakwenza.

²¹³ Futhi ake ngikubuze, uyabo. Usu—usu—usuvele uphilisiwe, ngoba uJesu wathi waphiliswa. Uyabo, "Ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Manje uma ubungahle ukwenze, kusukela kwiphansi impela lenhliziyoyakho, wemukele lokho, awuzukufa manje, kodwa uzophila.

²¹⁴ Manje, niyabo, manje siyazi ukuthi itelevishini iyeza iyedlula kulendlu. Siyakwazi lokho. Asiyiboni. Singeyibone, amehlo ethu awenzelwe, imizwa yethu ayikwazi ukukucosha. Kuthatha ishubhu elikhiziwi, kumbe noma ngabe kuyini, ingilazi ekhanya ngokucwebile, ukucosha lokho.

²¹⁵ Kanjalo noNkulunkulu ukhona. AsiMboni, kodwa siyazi ukuthi Ulapha. UJesu Kristu uyafana. Buka, Uzimemezele Yena uqobo nje, ukuthi Uzenza kanjani Yena uqobo. Manje, mayelana nokuphilisa, ukuba Ubemi khona lapha manje, Ubengeke esakwenzela lutho olunye, uyabo, hhayi enye into. Uma iNdodana kaNkulunkulu ibimi khona lapha, okungukuthi Imi, Ilapha, kodwa Ibingeke isakwenzela lutho olunye, ngoba Isivele izikhombe Yona uqobo lapha. Uyabo? Futhi ikhona lapha khona manje, iyafana nje, ukukuphilisa nokukusindisa.

²¹⁶ Nalelonenekazi elincane lapho lingitshelile, lathi, “Ucele isibusiso, futhi waprofetha noma into ethize,” phezu kwalo, ukuthi lizoba nengane, lihlezi kulesosihlalo esinamasondo. Futhi lakwenza, laba nayo ingane yalo.

²¹⁷ Futhi manje inenekazi elincane lihlezi lapha. Manje laba nokuhlinzwa kwesifo sokuvuvuka komphimbo, futhi kwalikhubaza. Awu, sibona nje eziningi kakhulu zalezozinto zenzeka. Manje, dadewethu, omncane, ngiyazi ungumKristu wangoqobo. Ukuthi kungani uNkulunkulu ekuyeke wahlala lapho, angazi. Ngikholwa ukuthi, mhlawumbe, kungenxa yokuthi une... Ukukholwa, u—uzama ukuba nokukholwa, ukuba uphume lapho, uyabo; kodwa manje buka, asingazami nje ukuba nakho, asibe nakho nje manje, uyabo, nje si—nje sizoba lapho. Yilokho kuphela okukukho, kuzoqala khona manje, futhi sizosinda. Nani bantu khona lapho kulezozihlalo, oku, noma—noma yikuphi kumbe noma uyini, khumbula nje ukuthi uKristu ukhona.

²¹⁸ Manje wena uthi, “Ngabe ukhona umuntu othize, uyasibona isithombe sami siza siyedlula.” O, yebo.

²¹⁹ Ngisho namaZwi kaJesu Kristu, Awakhulumu ngenkathi Elapha emhlabeni, ledlula khona kulendlu. Alifi neze. Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso ngokwesayense na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Awu, kuyini na? Khona-ke uMoya ucasha leloZwi elilotshiwe, bese uLibonakalisa. O, udumo!

²²⁰ Ilapha. Ikhona lapha manje, iNkosi. Nje si... Sibone okuningi kakhulu, Yenze okuningi kakhulu, sesize sithi nje ukuba, niyazi, size sithi nje ukukhubeka phezu kwakho. Ukuba besizoqonda, hhayi nje into ethize eyinsumanusmane, igama elithize lesayense yezenkolo; kodwa ubufakazi obubonakalayo bokuthi Yethembisa ukuthi Iyozibonisa Yona uqobo ngalolusuku, lapha Iyakumemezele khona lapha phambi kwethu khona manje. Into eyisimangaliso kanje pho! Akumangalisi lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²²¹ Manje kholwa. Uzokukholwa na? Kholwa ukuthi awuzukufa. Uzophila, futhi uzomhlonipha ngokumazisa uNkulunkulu. Uzomhlonipha ngokumazisa uNkulunkulu. Sewake wabhapathizwa na? UngumKristu, unguye na? Futhi ungumKristu. Awu, ufunu ukuphilela ukumhlonipha

ngokumazisa uNkulunkulu. Manje-ke hamba uphile, mfowethu. EGameni likaJesu Kristu, phila!

²²² Futhi, dadewethu, ufunu ukuhambela udumo lukaNkulunkulu, bese unakekela ingane yakho; manje-ke hamba, dadewethu, eGameni likaJesu Kristu!

²²³ Nina, nonke, yenzani okufanayo, eGameni likaJesu Kristu! Ningayikhohlwa leWestward Ho Motel lapha kulobubusuku, uBukhona bukaNkulunkulu bukhonjwa lapha. Akabheki buso bamuntu. Ufuna kuphela nina nikholwe. SeniyaMkholwa manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Amen. UNkulunkulu anibusise.

²²⁴ Asikhothamise amakhanda ethu manje. Angazi ukuthi bakhethe bani, ukuba a—asikhipe. Mfowethu Mushegian lapha, woza khona lapha, mfowethu. Uzosikhisha ngomkhuleko. UNkulunkulu anibusise.



UNKULUNKULU OCEBILE NGESI HAWU ZUL65-0119
(The God Who Is Rich In Mercy)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesibili kusihlwa, ngoJanuware 19, ngo 1965, wenzelwe iFull Gospel Business Men's Fellowship International eWestward Ho Hotel ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2015 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziiselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org